# *NeNzalo Yakho Iyonqoba Isango Lesitha Sayo*

Nginjalo, ngokuvamisile, ngileyithi ihora noma amabili. Umelusi wasukuma, wathi, "Manje, ngifuna ukwethula kini nonke uMnu. Branham oleyithi." Awu, nginezinto eziningi engimele ngizenze ukuze ngi—ngibe leyithi kanye nganķathi. Kodwa ngalesisikhathi angikwazanga ukuzisiza. Bekungenxa yesimo sezulu esikwenzile ngalesi sikhathi. Ngingakubeka phezu kwesimo sezulu futhi ngizedlulele. Kudingeke ngikuhlehlise, Mfowethu Rose, kancanyanyana nje. Sawubona ekuseni, Dadewethu Rose. Futhi ngijabule ukuba nalokhukusa lapha, Mfowethu Rose noDadewethu Rose, noMfowethu Sharrit, nabazalwane abaningi, nina bantu abakahle laphaya.

2 Ngiyakuzwa lokho, omunye uyangitshela, "Uma lina ePhoenix, wonke umuntu nje uhlala embhedeni," ushitsho olunjalo, niyazi. Ngolunye lwalezi zinsuku ngizothola ukudla kwamahhala. Bangitshela ukuthi ungaba nokudla kwamahhala nsuku zonke ilanga lingakhanyi. Ngizokubhekisisa namhlanje, ngibenze bakhokhe ngalokho.

3 Bengikhuluma izolo ebusuku, phandle kwelinye ibandla. Angisalikhumbuli ngempela igama lalo. Futhi ngakho-ke sibe nesikhathi esimangalisayo, izolo ebusuku, phandle enkonzweni. Futhi ngaleya kwaMfowethu Outlaw, nasenhla eTempe, futhi sinesikhathi esikahle nje kulenhlanganyelo. Futhi ngilindele ukuhlangana nabo nonke laba bafowethu abangabefundisi engqungqutheleni, ngakho-ke sizoba nesikhathi ukuthi nje ukuzulazula, Mfowethu Rose, futhi sikhulume komunye nomunye. Futhi yilokho engukuzele, ngukuba nenhlanganyelo. Futhi siye saba ne. . .sibheka uhlelo lwethu futhi sithola izindawo eziningi. Kodwa bengicabanga ukuthi leli bekuyithuba elihle kunawo onke, ngoba ngizoba no—nokuhlangana nabehlukene, ukuze ngikwazi ukubabona futhi ngedlule.

4 Ngezinye izikhathi ekushumayeleni, wonke umshumayeli akaqondwa ngokuyikho, ngandlela thize noma enye. Ezikhathini eziningi, abantu bathatha okuthile okushoyo futhi nje bathi uku. . .Kuncika kancanyana kubo, ngakho-ke bazokusho ngaleyondlela. Bese-ke omunye olandelayo uyakuthola, kuncike kakhudlwanyana. Into yokuqala uyazi, kuthi ngqu kuphume emgudwini.

5 Ngakho-ke—ngakho-ke thina, izikhathi eziningi, ekushumayeleni, ngithi ukuthi fu emahlelweni nezinhlangano

nezinto. Ngesinye isikhathi, abantu bathi-ke, "Mfowethu Branham umelene nenhlangano." Lokho kuyiphutha. Angimelene nenhlangano. Kodwa kukuzo zonke izikhathi lapho abantu bethembele kuleyonhlangano, niyabo, futhi babeke amathemba abo onke kulokho esikhundleni saphezu kukaKristu.

6 Bafuna ukubona ukuthi mangaki amalunga abangawathola kuleyonhlangano. Manje, lokho kuhle kakhulu. Ngi—Ngi... Lokho kulungile. Ngicabanga ukuthi yonke inhlangano ibifanele ithole lonke ilunga engalithola. Lokho kuhle kakhulu. Kodwa uma sewufika ekuthatheni abangakaphenduki futhi ubeke okungaphezulu kulokho kunokwenzayo ekugcizelelweni kukaMoya oNgcwele, njengoba uMfowethu Rose ubesho lapha esikhathini esedlule, nezinto, khona-ke uthola—uthola abantu becabanga, "Singaba*lokhu*, futhi singaba*lokho*." Empeleni, sonke singabakaNkulunkulu. Niyabo?

7 Manje, uma ngibona indoda yehla ngomfula ngesikebhe. Futhi ngihlala ngasemfuleni e-Indiana, uMfula i-Ohio, futhi ngingasezimpophomeni ngqo. Yindawo embi kabi kakhulu, lezo zimpophoma, ngoba izokuphahlaza khona manje. Uma ungake nje uye ngaleya kulezo zimpophoma, akukho sikebhe ebesingakwazi ukuhamba kuyo, ngoba injalo, cishe amafidi angamashumi amane noma amashumi amahlanu ukuwa ushone phansi ngqo, bese kuthi-ke ukuqhuma okukhulu kukhuphuka kusuka phansi ekugcineni, okungukuthi ishayisa ngqo edwaleni, idwala elingumbhede lapho. Futhi ngiyacabanga a—a—amaza amancane, amaza amancane amhlophe, egubha ngaphansi kwezimpophoma ezingamafidi angamashumi amane ukuphakama, niyabo, lapho ishaya phansi, iphinde indize futhi. Bese kuthi-ke ihambe nje yehle kanjalo, futhi ishona phansi ingene emjahweni osemqoka omkhulu ongaba amafidi angamashumi ayisithupha noma amashumi ayisikhombisa ukujula. Futhi phakathi lapho ngamanzi ajikelezayo ashaya indingilizi *ngale*ndlela, futhi awakhiphe futhi khona-ke aya ezansi ngomgudu. Akukho ndlela nje ongake usinde ngayo, niyabo.

8 Indoda yahamba lapha esikhathini esedlule igqoke ijakethe yokuphepha emanzini. Babona kuphela into ngenkathi iqathaka, *kanjalo*. [UMfowethu Branham uqhumisa umunwe wakhe—Umhl.] Ngisho naleyojakethe yokuphepha emanzini, lowomfutho owesabekayo wavele wamthatha nje ngaphansi ngqo. Futhi abazange bamuthole. Abazange bazi ukuthi kwenzekalani ngaye. Walenga emadwaleni noma ezinqenqemeni ezansi phakathi lapho, mhlawumbe imayela noma amabili ngakhona, kanjalo, futhi akukho ndlela yokusinda.

9 Khona-ke uma ngibone othile ehla ngasemfuleni ngesikebhe esidadlana, ehlezi lapho efunda, eqhubeka, ngiyomklabalasela, "Phuma kulesosikebhe. Leso sikebhe ngeke sikwazi ukutshuza

kulawo magagasi amanzi." Manje, akusikho ukuthi kukhona engimelene ngakho naleyondoda, ngisho noma ngifanele ngimthethise aphume futhi ngikhulume naye kabanzi. Akusikho ukuthi kukhona engimelene ngakho nendoda. Ngiyayithanda lendoda, kodwa ngiyazi ukuthi izoshayisa. Yileso sizathu ngiyimpompolozela. Ngoba ayi . . . Kungenxa yokuthi ngiyayithanda, yi—yisizathu ngimpompoloza. Ukube bengingenandaba, bengiyothi, "Awu, umshubo," qhubeka, niyabo, ukube bengingenandaba nayo.

10 Kodwa isizathu ngisho lezozinto yingenxa yokuthi nginentshisekelo ngeBandla. Ngi—nginentshisekelo ngeBandla likaNkulunkulu. Futhi ngi—ngiyakuzonda nje ukuLibona liba nomqondo wenhlangano. Futhi ngiyayazi leyonkambiso, ukuthi yileyondlela ukuthi lonke ibandla liye emadwaleni, kanjalo nje ngqo, kwehlelo ngqo ngaleyonkambiso yenhlangano.

11 Cabanga nje ngemvuselelo ngesikhathi samaLuthela, bukani ukuthi yayaphi. Futhi masinyane nje ike ishaye lokho, ayiphindi ivuke futhi. AmaLuthela awaphindanga abuya. Bukani amaMethodisti kaWesley, awazange abuye. Bukani iPilgrim Holiness, amaNazarene, onke amanye awo, amaBaptisti, iPresbyterian. Banemvuselelo, bese kuthi-ke kuvuke umuntu othile enamandla kaNkulunkulu kuye, uqala umnyakazo kuMoya. Bese-ke ngokushesha nje kuthi uma lowo muntu esehambile, khona-ke bamisa inhlangano kulokho.

12 NjengeMoody Bible Institute, indawo ekahle, kodwa angeke nje ibe nalokho uMoody ayenako. Niyabo? Futhi izinto uMoody ayezimele, baqhele ngamamayela ayisigidi kuzo, ngakho-ke nakho laph'ukhona. Futhi manje konke kungubuhlakani bengqondo nje, lapho uMoody wayenakho eMoyeni, niyabo. Futhi ngakho-ke ni—nithola lokho, kulezozinto.

13 Manje, ngesikhathi ngiqala ukuqala, futhi ngifike lapha ePhoenix, eminyakeni eyedlule, emnyakazweni wePentecostal, ngaba nethuba lokuqala inhlangano mina uqobo. Umzalwane weLatter-Rain wafika kimi, wathi, "Yikho lokhu. Asiqale. Ngani, sizoba—zoba bakhulu kunabo bonke."

14 Ngathi, "Bakithi! Akusikho lokho. Akusikho—akusiyo leyonto, mzalwane. U—uphume ngamamayela ayizigidi e—emgwaqeni. UNkulunkulu akasoze akubusise." Funda umlando wakho. Fundani iBhayibheli. Akusoze kwaba nenye inhlangano evela kukho, ephuma kulokhu. Kunjalo. Lokho kuzohlela futhi kungene e . . . Sekusesimeni seLawodikeya manje. Kodwa ngizonitshela, mfowethu, azisekho izinhlangano ezibusiswe nguNkulunkulu ukuba zivuke. Akuzukuba nalutho kwalokhu. SisekuFikeni kweNkosi. Niyabo? Futhi uNkulunkulu uzokhipha insali kulomnyakazo omkhulu womkhandlu, oqhubekayo manje, woMlobokazi, kodwa akusoze kwaba nalutho oluhlelayo, ngokomoya, futhi. Niyabo? Sekuphelile.

15 Uma ngibona umzalwane wami, umzalwane oyigugu, bencike ngaleyondlela, bese-ke ngivele ngikuthululele phakathi ngakho konke enginakho. Futhi ngezinye izikhathi abafowethu bathi, "Awu, uMfowethu Branham umelane nathi. Thina si. . . " Yiphutha lelo. He! Lokho yi—lokho yinto eqhele kude kunakho konke emqondweni wami, kungukumelana nanoma ngubani. Ngi—ngikanye nani. Ngingumfowenu, niyabo, futhi ngizama ngakho konke okusemandleni ami. Futhi yileso sizathu ngingakaze ngijoyine nanoma iyiphi inhlangano ezithize, ngakho-ke ngingema esikhaleni bese ngithi, "Mfowethu, ungakwenzi. Akusiyo indlela leyo."

16 Bathi, "Singabe-Assemblies." Lokho kuyamangalisa. I-Assemblies of God ibe isibusiso esikhulu kabi kimi. "Thina siyi-Foursquare." Awu, bukani ukuthi isibusiso esinjani ababeyiso kimi. "Siyi Jesus Name." Bukani ukuthi isibusiso esinjani ababeyiso kimi. "Singaba *lokhu,* o*kunye*." Noma ngabe yini, bonke bayizibusiso. Banga—bangabantu bakaNkulunkulu. Niyabo? Futhi abantu bakaNkulunkulu bakukho konke kwakho.

17 Bese-ke uma siqala ukuzihlanganisa, sithi, "Thina singconywana lapha kuneChurch of God," niyabo, noma, "Thina singconywana kuneFoursquare noma abeJesus Name," noma into efana naleyo. Uma nje siyi. . . Singahle sehluke kancanyana ngemibono. Sonke sihambe ukuyodla isidlo sakusihlwa namhlanje. Sonke sithatha uphaya owehlukene, kodwa sidla uphaya ngokufanayo nje, niyabo. Yilowo umqondo. Ngakho-ke umqondo wakho, ungukuthi, uma—uma nje singabona inhlanganyelo yethu. Ngakho-ke ungayi ukuyoncika ngasenhlanganweni. Yencikani ngaseKalvari. Nibe ngabafile kulezi ezinye izinto. Niyabo? Futhi ngiyakholwa . . .

18 Ake ngisho lokhu kusesemqondweni wami. Ngiyakholwa ukuthi inhlangano idlale indima enhle. Ngokuba, kunezikhathi eziningi, bazalwane, njengoba kukubi njengoba sizonda ukukucabanga, kube nezinto ebezihluma phakathi kwethu, nezinto ezinjengalezo, ebezingamahlebezi. Futhi abantu bazothatha nje lawomahlebezi futhi bahlakaze ngawo abantu noma kanjani. Futhi iqembu labafowethu lihlangana ndawonye eli. . . kungukuthi mina. . . Engikuqondile ngukuphuma njengoba benza ezinsukwini zasekuqaleni nalolonke uhlobo lwezinto. Futhi—futhi sisenakho konke nanamuhla, niyabo, kulokhu nje kuhamba. Futhi abantu abangazihlanganisa ndawonye . . .

19 Isithombe sangempela sePentekoste, ngokombono wami, uma sekuziwa enhlanganweni, yi—yibandla, Mfowethu Pethrus, ibandla laseFiladelfia eSweden. Manje, abanandaba ukuthi hlobo luni lwemfundiso eninalo, inqobo nje uma kungokomBhalo. Uma nifuna ukukubona nga*le*ndlela, nga*le*yondlela, nanoma yini, inqobo nje uma ninenhlanganyelo

futhi niphila impilo ehlanzekile engcwele. Nakho laph'ukhona. Kuhle lokho. Futhi uma ufuna ukusho ukuthi uJesu uza ngehhashi elimhlophe, nomunye wathi Uza ngefu elimhlophe, Mfune ngaleyondlela. Qhubeka nje, inqobo nje uma uphila impilo enhle ehlanzekile futhi ube nehlanganyelo. Yileyo indlela. Yilokho-ke.

20 Lokho, awu, manje, yileso sizathu esisodwa, bangani, ukuthi nginaleliqembu leBusiness Men. Ngoba, ngiyazi ukuthi kunenqwaba yezinto phakathi lapho ebezifanele ziqondiswe. Kodwa ngoku—ngokuhle kunakho konke esinakho. Ya. Kunjalo. Ya. Kunezinto eziningi engifanele ngizisho. Futhi—futhi nina, abazalwane lapha bazonitshela, angisoze ngancengana nabo. Ngilapha njengenceku kaNkulunkulu, ukuzokhuluma iQiniso. Futhi ngizofanele ngiphendule ngakho. Kunjalo. UMfowethu Rose wathi, "Yingakho sinithanda." Awu, lokho—lokho, awu, singeke . . . Thina, sifanele sihlale naleliZwi. Niyabo?

21 Esikhathini nje esithile esedlule, ngiyacabanga, ngabe bewuse . . . Ngangiphesheya kwezilwandle, noma ngaleya esiqhingini ngonyaka odlule, futhi babenomhlangano, futhi abanye babazalwane wayeqhosha ngakho kulomhlangano omkhulu lapho babenosomabhizinisi, ezweni lonke. Futhi babekhuluma ngokuthi, "Benginendawo encane ezansi ekhoneni. Ibhizinisi lami belingekho lihle. Futhi ngibe nesikhathi esesabekayo. Futhi into yokuqala niyazi, ngi—ngingenile ukwamukela uKristu, futhi—futhi, o, nginayo yonk'into manje." Manje, lokho kuhle. Siyakuthakasela lokho. Lokho kuhle, kodwa impumelelo ayisho uKristu ngasosonke isikhathi. Lokho, niyabo, futhi simele sibhekisise lokho. Manje, lokho kuhle. Niyabo? Ngi . . . Angimelene ngalutho nalokho.

22 Kodwa ngithe ukulandela abanye abazalwane ngalobo busuku. Sahamba sehlela ehhotela labahamba ngezimoto lapho i—iqembu lethu belihlala khona, noMfowethu Shakarian nathi sonke. Futhi ngathi, "Awu," Ngathi, "bazalwane, ngizonitshela." Ngathi, "Ngi—ngicabanga ukuthi nina bafowethu niyiqembu lamadoda elihle kunawo onke engake ngahlangana nawo, empilweni yami. Kodwa," ngathi, "into yakho ingukuthi," ngathi . . .

23 Angisuye owanoma iyiphi inhlangano, kodwa ngingowaleyo nhlanganyelo enalokho. Ngiphatha ikhadi lenhlanganyelo kanye nabo, okuyilona khadi kuphela engiliphathayo, ngoba limelele zonke izinhlangano, niyabo. Futhi yilokho engikuthandayo. Yilokho engikulwelayo.

24 "Kodwa," ngathi, "into engikhathazayo, ukuthi nina bazalwane ngaphambi kwalawomadoda ezansi lapho, aphumelela ngokuphindwe kazinkulungwane ukwedlula nina, bese-ke nizama ukubatshela ukuthi uKristu uyimpumelelo. Ningalinge nizame ukubathengisela lokho." Niyabo?

25 Ningalinge nizame ukuqhathanisa nezwe. Vumela izwe lize emagcekeni ethu. Ningaphumeli emagcekeni abo. Niyabo? Niyabo? Niphumela emagcekeni abo, asisoze sacwebezela kanye nabo. Emva kwakho konke, iVangeli alicwebezeli; liyakhazimula. IHollywod iyacwebezela. IVangeli liyakhazimula. Kunomehluko omkhulu phakathi kokukhazimula nokucwebezela.

26 Futhi ngakho-ke, manje, futhi ngathi, "Abazalwane basekuqaleni bePentecostal ababenokuthile, bazama ukukuchitha, futhi bondla abampofu, nokunye nokunye kanjalo, futhi baphuma bengenalutho, niyabo, ukuyoshumayela iVangeli, ukuba bazihlanganise." Ngathi, "Manje sizama ukuqhosha ngokuthi sinokungakanani." Ngathi, "Kwehluke kanjani!"

27 Futhi omunye umfowethu omncane oyigugu, emva kwesikhashana wasukuma, wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, lelo kwaba ngelinye lamaphutha amakhulu kunawo onke lelo abantu abake balenza."

28 Futhi ngathi, "Manje, buka, mfowethu, bengingazami ukunika abantu isu lokuba bathengise ngalokho abanakho. Kodwa ngizama ukwenza iphuzu kulaba somabhizinisi."

Wathi, "Lelo kwakuyiphutha elikhulu kunawo onke, abantu."

29 Ngathi, "Benza lokho ngoMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele wabatshela ukuthi benze lokho." UMoya oNgcwele utshela noma ngubani ukuthi enze noma yini, wena yenza lokho Akutshela ukuthi kwenze.

30 Wayesethi, "Awu, kwakuyiphutha elibi kabi ibandla elake lalenza."

31 Ngathi, "Ngani, mfowethu na?" Futhi khona lapho ngaphambi kwendoda ebengilokhu ngikhuluma nayo.

32 Wathi, "Ngoba, masinyane nje lapho kuqhamuka ukuqophisana ebandleni lapho, kwaba nokwehlukana phakathi kwamaGreki nama—namaHeberu, nokunye nokunye," wathi, "labo bantu babengenandawo ukuba baye kuyo. Babengenalo ngisho ikhaya ukuba baphindele kulo."

Ngathi, "Yona impela intando kaNkulunkulu."

Wathi, "Lokho bekungaba intando kaNkulunkulu kanjani na?"

33 Ngathi, "Baya kuzozonke izindawo, basabalalisa iVangeli, ngoba babengenandawo ababengaya kuyo."

34 UMoya oNgcwele awulenzi noma yiliphi iphutha. Awulenzi nje. Yilokho kuphela. Futhi njengoba bengikhuluma izolo ebusuku, nifanele nje nibambe uNkulnkulu, futhi nibambe okweZwi laKhe, futhi nibambelisise kukho. Akunandaba ukuthi

Likuholela kuphi, qhubeka nje uLilandele. Ligcine lihamba kanjalo.

35 Kodwa ngempela ngi—ngingumlandeli omkhulu walenhlanganyelo yeBusiness Men. Futhi kuyo yonke ingqungquthela engimenywe kuyo, ngaso sonke isikhathi ngiyaya futhi ngikhulume, ngisho konke engingakusho. Hhayi nje ukuzama ukuzenzela okuthile ukuba ngikusho, okuzojabulisa umuntu othile, u*S'bani-bani*. Kodwa ngasosonke isikhathi lapho ngiya emhlanganweni wami, ngiyazama ukutadisha futhi ngikhuleke futhi ngizile ukudla, futhi ngithi, "Nkosi Jesu, yini—yini ebengingayisho ebingasiza labo bantu."

36 Wonk'umuntu uyazi ukuthi angisuye umshumayeli. Angisiso isikhulumi. Ngi—ngiyi . . . Noma ngubani uyakwazi lokho. Angisuye umshumayeli. Umlayezo wami—wami ngukukhulekela abagulayo, nokunye nokunye kanjalo. Kodwa, angisuye umshumayeli. Noma ngubani ubeyokwazi lokho, angizwe ngishumayela. Kodwa engikushoyo, ngifuna ukubeka isibhakela kulokho okuzokwenza okuthile.

37 Hhayi ukuthi, "Akasiso yini isikhulumi e—esinamandla na? Akakusebenzisi kahle ukufundwa nokubhalwa kwamagama kahle na? Akamangalisi yini epulpiti na?" Angikufuni lokho. Ngi—ngingekwenze lokho. UNkulunkulu akazange angibizele lokho.

38 Kodwa ngizama ukuthola okuthile okuzosiza lowomuntu, nalelobandla libe ibandla elingcono, ngilisize ukuthi libe ngabantu abancono, ngilikhulekela.

39 Manje, bengithi ukukhuluma, ngiqagela, ngoba ngibone abantu abambalwa besalokhu bebuthana ngaphakathi, futhi nalo lina. Yingaleso sizathu bengisho lezi zinto. Manje, ikota lishayile.

40 Futhi manje ngifuna ukubonga umfowethu. Sengaze uMfowethu Fuller isikhathi eside, bengilokhu ngimthanda, ekujuleni kwenhliziyo yami. Futhi sinezinto eziningi ezifanayo, Mfowethu Fuller. Futhi ngakho-ke si . . . Ngibone uMfowethu Fuller manje iminyaka eminingi, futhi ngimaze eyindoda kaNkulunkulu yoqobo ngempela, futhi ngiyamthanda. Futhi ngilapha kulokhukusa ukuzohlanganyela. Ngixolisa kakhulu ukuthi ngigeje ubusuku bakhe ukuthi lapho bekukhangisiwe endaweni lapha, kodwa bekuyinto ethile engingakwazanga ukuyivimba. Futhi ngiyajabula ukuba lapha kulokhukusa, ukubona ibandla lakhe, elihle, indlela uNkulunkulu abaphumelelise ngayo futhi wababusisa. Futhi—futhi yonk'into Amenzele yona, ngikuthakasela ngempela lokho. Kwangathi uNkulunkulu angaqhubeka nokumbusisa, futhi abusise lelitabernakele, ne—ne i—isigungu sabaphatheli, amadikoni, nawo onke amalunga ebandla. Futhi kwangathi

ningakhula futhi niphumelele emseni weNkosi, ngumkhuleko wami othobekile.

41 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, ake sisondele kuMbhali, kuqala. Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

42 Sisahlezi ngesizotha eBukhoneni bukaNkulunkulu, namakhanda ethu nezinhliziyo kukhotheme, ngabe sikhona isicelo enhliziyweni yakho, lokho okuthile onesidingo sakho, ofuna ukuthi iNkosi ikuphe khona, ukuthi ngikukhumbule emkhulekweni wami lapha enkozweni kulokhukusa na? Ungakwenza kwaziwe ngokuphakamisa isandla sakho na? Kugcine nje emqondweni wakho, ukuthi kuyini. INkosi iphe wonke wenu isicelo senu.

43 Baba Nkulunkulu oNgcwele nonoMusa, Owadala zonke izinto ngoKristu uJesu, eNkazimulweni yaKhe, sisondela eBukhoneni baKho kulokhukusa ngokubonga enhliziyweni yethu. Futhi njengoba sishayele emvuleni, nomoya uyavunguza, imvula iyana, siyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuthi Uzothululela phezu kwethu imvula yaseZulwini, imvula yokomoya, imvula yakamuva neyokuqala, kanyakanye, ezinhliziyweni zethu namuhla.

44 Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa lelibandla. Sibonga kakhulu ngalo, ngomelusi walo, nabazalwane balo, nange . . . indawo lapho abantu bengahlanganela nophahla phezulu kwekhanda labo nesihlalo esithokomele esihle sokuhlala.

45 Sibuyela emuva ezinqondweni zethu emlandweni waleliBandla lasekuqaleni, elakuqala, lobuphostoli, iBandla elikatolika, futhi siyabona ukuthi babehlala kanjani phezu kwezingcezu zamadwala noma okunye ababengakwazi, ukuzokuzwa iZwi likaNkulunkulu, bese-ke beguqa phansi kwiphansi, futhi nalo libanda futhi idwala futhi lingcolile, futhi khona-ke lapho baphakamisela izandla zabo eZulwini futhi bathokozele uBukhona bukaMoya oNgcwele. Banikeze lokho kushisekela ezimpilweni zabo ukuba bangaze bangene emigodini yamabhubesi, futhi anganyakazi ngisho nokunyakaza, kodwa benokumamatheka nje ebusweni babo, babuke eZulwini, bazi ukuthi, emizuzwini embalwa, bazobe beseBukhoneni baKhe loWo abamthandayo.

46 O, ukholo lwawobaba bethu, lusalokhu luphila, noma kunemigodi yetilongo leziboshwa, amalangabi nenkemba. Luvuselele kithi, O Nkosi, ukholo olunjalo. Siphe leso sibusiso esikhulu sobupostoli sikaMoya oNgcwele.

47 Ngamunye ophakamise izandla zabo, Uyazi ukuthi badinga ini, Nkosi. Uyakwazi obekusemva kwalesosandla, ukuthi nhloso-ni nenjongo ekuleyonhliziyo. Nguwe kuphela onganikeza sonke isidingo, Nkosi. Futhi ngiyabakhulekela, ngingasazi isidingo sabo, kodwa nginikela umkhuleko wami

ngezicelo zabo. Njengenceku yaKho, ngikhulekela ngamunye wabo ngokuzithoba, ukuthi, noma yini abayicelile, sengathi bangemukeliswa yona. Babusise, Baba.

48 Futhi manje sisafunda iZwi laKho, futhi sifundise leliklasi likaSonto sikole, njengoba bekunjalo, kulokhukusa, ngiyakhuleka ukuthi Uzothatha lamaZwi futhi khona-ke ukhiphe konke ukungakholwa kubo, Nkosi; ukuthi, noma yimaphi amandla uSathane azowazama ukwenza unyombo, azovimba ukuthi Likhule. Kwangathi lingangena kuyo yonke inhliziyo, futhi khona-ke lapho liba izihlahla zesithelo sokulunga, Nkosi. Ukukholwa, kulethe lokho oKubekile eZwini laKho ukuthi likwenze, lithi, "Lingeke libuye kiMi lingakawenzi umsebenzi walo, kodwa Lizokufeza lokho Elahloselwa khona."

49 Manje, Nkosi, ngcwelisa inceku yaKho. IZwi laKho selivele lingcwelisiwe. Futhi, ndawonye, sengathi singakwazi ukondla umhlambi lowo uMoya oNgcwele asinike wona u—ukufundisa. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

50 Manje, kini enithanda ukufunda ngesinye isikhathi, nihambisane no—noMlayezo, ngizo. . . Ngiyanicela, uma beningavula eNcwadini. Futhi nginoMlayezo omncane nje kaSonto sikole, njenga, kubantu kulokhukusa.

51 Niyakwazi ukungizwa kahle, yonk'indawo, kuyoyonke indawo na? Ngiphakamise lo mbhobho waya phezulu. Ngithe nje ukusha iphimbo kancane. Ngi, ngithe nje ngingafika ezansi lapha, Ngaqalwa umkhuhlane. Udeveli uzame ngawo onke amandla akhe ukuthi angivimbe ukuthi ngibe lapha. Angazi. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu impela uzothululela okuthize okukhulu kulengqungquthela kulesisikhathi, ngoba uSathane wenze konke angakwazi ukuthi angigcine ngingezi kuyo.

52 Kodwa manje sizofunda kuGenesisi, isahluko 22. Futhi nina enizovula eBhayibhelini lenu, asifunde ingxenye yaLo, kanye kanye. UGenesisi 22, asiqale evesini lesi 9.

> *Bafika endaweni uNkulunkulu abemtshele yona; u-Abrahama wakha khona ialtare, walungisa izinkuni, wambopha u-Isaka indodana yakhe, wambeka e-altare phezu kwezinkuni.*
>
> *U-Abrahama waselula isandla sakhe, wathatha umese ukuba ahlabe indodana yakhe.*
>
> *Kwase kumemeza kuye ingelosi yeNkosi isezulwini, futhi* ithi, *Abrahama, Abrahama: yena wathi, Ngilapha.*
>
> *Yayisithi, Ungabeki isandla sakho kumfana, ungenzi lutho kuye: ngokuba ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, lokhu ungagodlanga indodana* yakho, *nandodana eyodwa yakho.*
>
> *U-Abrahama waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka, ngemuva yinqama ibhajiwe* e*meveni*

*ngezimpondo zayo,* noma *ngezimpondo zayo,* njalo: *u-Abrahama waya wayithatha inqama, wanikela ngayo* phezu. . .*wanikela ngayo umnikelo wokushiswa* esikhundleni *sendodana yakhe.*

*U-Abrahama waqamba igama laleyondawo ngokuthi uJehova-jira: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyabonelelwa.*

*Ingelosi yeNkosi yayisimemeza kuAbrahama ngokwesibili isezulwini, okwesibili,*

*Ithi, Ngizifungile, isho iNkosi,*. . . *njengokuba ukwenzile lokhu, futhi kawugodlanga indodana yakho, indodana eyodwa yakho:*

*Ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise nokwandisa izinzalo yakho ibe ngangezinkanyezi ze*. . .*zulu, nangange*zihlabathi. . .*sasogwini lolwandle; inzalo yakho inqobe isango* lesitha *sayo;*

53 Ngifuna ukuthatha lowomusho wokugcina ukwenza indikimba: *NeNzalo Yakho Iyonqoba Isango Lesitha Sayo*. Leso yisethembiso e—esihle kakhulu.

54 Manje, sonke siyejwayele le ndaba, mhlawumbe niyifunda niyiphindaphide, niyiphinde, isikhathi nesikhathi, ka-Abrahama, nokuthi wambiza kanjani uNkulunkulu ukuthi aphume ezweni lakubo, nokuthi abe yindoda ejwayelekile kanjani, kungekho okukhethekile. Kodwa uNkulunkulu wambiza futhi wamenzela isethembiso.

55 Manje, ngifuna niqaphele ukuthi lesi sethembiso uNkulunkulu asenzela u-Abarahama sasingabhekisiwe nje ku-Abrahama kuphela, kodwa sasibhekiswe enzalweni yakhe emva kwakhe. Manje, abantu abaningi bathi, "O, ukube bengingavele ngifane no-Abrahama, ukube ngangilapho uNkulunkulu wayekhulume nami futhi—futhi wanginika isiqiniseko njengoba Enza ku-Abrahama, ngabe-ke ngaba nakho. Bengi—bengizoba nokukholwa ngempela, Mfowethu Branham, ukube ngangibe, ukube uNkulunkulu wayekhulume nami njengoba Enza ku-Abrahama." Kodwa unesethembiso esifanayo u-Abrahama ayenaso, okungukuthi, uma ngabe uyiNzalo ka-Abrahama.

56 Khona-ke uthi, "Kodwa, Mfowethu Branham, mina ngingoweZizwe. Bengingeke ngibe nenzalo ka-Abrahama."

57 INzalo ka-Abrahama kwakungesiyo inzalo yemvelo. KwakuyiNzalo yokomoya, ngoba ukusokwa kwalokho kwakungelutho. Isethembiso, Wamnikeza ngisho ngaphambi kokusoka. Kodwa wanikezwa sona ngaphambi kokusoka, futhi kwakungesikho ngoba wayesokile futhi enesivumelwano noNkulunkulu ngaleyondlela. Yingoba u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu.

58 NomBhalo washo, ukuthi, "Uma sifile kuKristu, siba yiNzalo ka-Abrahama." UPawulu ukhuluma ngakho, "Nalowo oyiJuda akalona iJuda ngaphandle, kodwa uyiJuda ngaphakathi." Khona-ke, uma uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, "uyiNzalo ka-Abrahama, futhi niyizindlalifa no-Abrahama ngokwesethembiso." Niyabo? Khona-ke sonke isethembiso uNkulunkulu asinika u-Abrahama ngesakho, ngoba ngokukamoya uyiNzalo ka-Abrahama.

59 Futhi uyiJuda kakhulu ukwedlula ukuba bewuzelwe egazini leJuda, futhi khona-ke—futhi khona-ke ube yiJuda lomthetho kulelobandla, futhi ube ngumphiki waloMoya oNgcwele neNkosi uJesu Kristu. Niyabo? Ungaphezulu kweJuda, ngoba uyiJuda elizelwe ngokwesethembiso esivela eZulwini, leso uNkulunkulu asinikeza u-Abrahama, no-Abrahama wasemukela ngokukholwa, futhi yilokho okwamenza waba yilokhu ayeyikho. Phezulu kwakho konke, iJuda ukwehlukwaniswa nje, nokuwelela ngaphesheya, umHebheru, nokunye nokunye okufana nalokho.

60 Manje, kodwa uma sewuzehlukanisile nezinto zezwe, wawelela ngaphesheya kwalowo mugqa owehlukanisayo, futhi ugogobala ezweni labafokazi, ezweni ongazange ube kulo, kwasekuqaleni, kanye nabantu ongakaze uke uhlanganyele nabo kwasekuqaleni, bese-ke uba yiJuda ngokukaMoya. Ngoba, ngendlela efanayo u-Abrahama, ngokukholwa, washiya izwe lakhe, washiya abantu bakubo, waya ezweni labafokazi nabantu angabazi. Nawe ushiye abantu bakini, washiya izwe ngemuva, washiya abalingani bakho ngemuva, wawelela ngaphesheya, ngeGazi likaJesu Kristu, futhi ningabagogobali, nifuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, njengoba u-Abrahama wayenjalo. Izihambi, kanye naYe, sihlala emathendeni emabandleni, abafo abayizakhamizi zoMbuso weZulu, izindlalifa zazo zonke izinto ngoJesu Kristu. Niyabo? Sesiwelele ngaphesheya, sizehlukanisile.

61 Manje, u-Abrahama, isethembiso senziwa u-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Manje, uNkulunkulu unikeza u-Abrahama isethembiso, seNzalo yakhe, iyonqoba isango lesitha sayo emva kokuba Esevivinye u-Abrahama, wamlinga u-Abrahama. Manje, emva kokuba ukuvivinywa sekufikile, bese-ke . . .

62 U-Abrahama wasevele ephenduliwe, singakubiza kanjalo, kusukela ebuhedenini wangena kuNkulunkulu. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wayemnikezile, njengesibonakaliso sikaMoya oNgcwele, ukusoka. Kwase-ke, emva kokusoka, kwase kuza isikhathi sokuvivinywa.

63 Umfanekiso omuhle impela lapha weBandla, ukuthi, emva kokuba sesisindisiwe, khona-ke sinikezwa uphawu lwesethembiso lokusoka, okungesikho okwenyama, kodwa

kukaMoya. Futhi uMoya oNgcwele uba ukusoka kwethu. Ngumese kaNkulunkulu obukhali. Lihlukanisa futhi lisike lisuse inyama elengayo, yezwe, kithi. IZwi likaNkulunkulu, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili! Ngakho-ke, niyabo, buyani ngqo emuva futhi. IZwi likaNkulunkulu liyilokho uMoya oNgcwele akusebenzisayo; hhayi izivumokholo, hhayi amahlelo. Kodwa iZwi yilo elisehlukanisa nezinto zezwe. Lisika lisuse imicabango yethu nezinto, futhi lisenze sizinikele wonke kuNkulunkulu.

64 UJesu wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini." Nakho lapho nikhona. Khona-ke, akusilo iZwi lenu. YiZwi laKhe. Khona-ke, niyabo, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, ningacela konke enikufunayo." E-hhe. Niyabo? Kuyini, anikhulumi iZwi lenu. Nikhuluma iZwi laKhe.

65 Khona-ke uMoya oNgcwele nguYe othatha iZwi likaNkulunkulu futhi uyasehlukanisa nalezi zinto zezwe, niyabo, ukusokwa, ukunqunywa kususwe. Bese-ke wedlula esikhathini sokuvivinywa.

66 Manje, u-Abrahama, emva kokuba esebiziwe waphuma, ezweni lamaKhaledi, umuzi wase-Uri, waba yisihambi, umfokazi. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wambiza, emva kokuba esefakazelwe ukuthi uzoqhubeka futhi athathe uNkulunkulu eZwini laKhe. Khona-ke, wabe esenzani khona-ke uNkulunkulu, wabe esemnikeza isibonakaliso, ukuthi Usememukele, wabe Eseyamsoka. Wabe-ke esesoka u-Ishmayeli nendlu yakhe yonke.

67 Futhi manje niyabo, uma—uma sewubiziwe ukuthi uphume, okokuqala wedlula esivivinyweni, ukubona ukuthi impela uzoqhubeka yini. Bese kuthi-ke uNkulunkulu ukunika uMoya oNgcwele, okuwuphawu lokuthi Usekwemukele ukukholwa kwakho ozisho ukuthi unakho kuYe. Niyangilandela manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uzokwemukela.

68 Manje, bengikhuluma no . . . Kungahle kubekhona abanye abangabazalwane abayigugu beBaptisti abahlezi lapha. Futhi wonke umuntu uyazi ukuthi ngiphuma ebandleni leBaptisti. Bengikhuluma nomunye umfowethu weBaptisti. Wayesethi kimi, "Mfowethu Branham?" UbenguDokotela wezobuNkulunkulu, indoda elungile, umKristu wangempela. Wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, uwutholaphi lowo mbhaphathizo kaMoya oNgcwele kungokwehlukile ngaphandle kokukholwa kuKristu Jesu na?"

Ngathi, "Kwehlukile, mfowethu oyigugu."

69 Wathi, "Awucabangi ukuthi uma wemukela uKristu, wemukela uMoya oNgcwele na?"

70 Ngathi, "Kuyikho. Kodwa," ngathi, "uyabona, uzisho nje kuphela ukuthi wemukele uKristu, aze Akuvume lokho."

71 Wathi, "Mfowethu Branham, u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye kube ngukulunga."

72 Ngathi, "Yebo. Kodwa uNkulunkulu wamnikeza isibonakaliso, ukuthi Usekwemukele ukukholwa kwakhe, ngesikhathi Emnikeza uphawu lokusoka, ukuthi Usekwemukele ukukholwa kwakhe." Amen.

73 Manje uma semukela uKristu njengoMsindisi wethu, lapho-ke, uma siqotho ngokuphelele kulokho, bese kuthi-ke uNkulunkulu usinika isibonakaliso, ukuthi Wemukele ukukholwa kwethu kuKristu, ngokusinikeza uphawu lokusoka, okunguMoya oNgcwele. Yilolo-ke uphawu lokusoka. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa ngaye uphawu kuze kube uSuku lokuHlengwa kwenu." Hhayi ukuthi kube ngumhlangano olandelayo; kodwa kuze kube uSuku lokuHlengwa kwenu. Kunjalo, kwabase-Efesu 4:30. Manje, simemukela kanjalo-ke uMoya oNgcwele.

74 Manje, uma uthi, "O, ngiyikholwa," noNkulunkulu akakakuphi uMoya oNgcwele nokho, Akakakuvumi. Wena usazisholo nje ukuthi uyakholwa. Kodwa uma konke ukungabaza. . .Angisho ukuthi awusilo ikholwa manje. Engxenyeni ethile, uyikholwa.

75 Kodwa uma uNkulunkulu esethole umusa, nawe usuthole umusa kuYe, njalo, futhi uYakuvuma ukuthi ube ngumntwana waKhe, futhi Uyayazi inhliziyo yakho, futhi Uyakubona ukuba qotho kwakho, Uyazi ukuthi zonke izinto sezisikiwe zasuswa kuwe. Bese kuthi-ke Ukubeka uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, efakazisa ezweni ukuthi Usekwemukele ukukholwa ozisho wena ukuthi unakho kuYe. Niyakuthola manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

76 Manje, masinyane emva kwalokho, kufika ukulingwa. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele kuqala ilaywe, ihlolwe."

77 UJesu, masinyane lapho Amukela ukuphelelisWa kukaMoya, emfuleni, ngesikhathi uJohane emBhaphathiza, masinyane nje udeveli waMthatha wamyisa ehlane, ukuba edlule esikhathini sokulingwa. Kodwa ngesikhathi Ethatha iZwi likaNkulunkulu futhi wanqoba udeveli, "Kulotshiwe. Kulotshiwe," Wabuyela emuva khona-ke eseyilungele inkonzo yaKhe.

78 Futhi yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo ku-Abrahama. Manje, uNkulunkulu, emva kokumbiza ukuthi aphume ezweni lakubo, wase ezehlukanisa nezwe lakubo, nabantu bakubo, kwase kuthi-ke uNkulunkulu wamnika uphawu lokusoka, wase-ke emnikeza indodana. Wabe-ke eseyahamba wehlela kulokho kuvivinywa kwakhe kokugcina, ukuya phansi esikhathini lapho wayefanele anikele ngendodana yakhe u-Isaka ukuthi abe ngumhlatshelo. Futhi Wathi, "Ngokubona ukuthi

awuyigodlanga indodana yakho okuwukuphela wayo, seNgiyazi ukuthi uyaNgithanda.” Wamunikeza leso sivivinyo.

79 Wase-ke masinyane emva kwalokho, impi yanqotshwa khona-ke, Wathi, “Futhi iNzalo yakho iyonqoba isango lesitha sayo.” Amen. Ngiyakuthanda lokho. “Iyonqoba isango lesitha sayo.” Sizofika kulelophuzu lokugcina emizuzwaneni embalwa, iNkosi ithanda. Manje Wathola lokhu, u-Abrahama wethembekile. Emva kokuba Ethole ukuthi u-Abrahama wethembekile, wabe-ke Esemnikeza isethembiso sokunqoba isango lesitha.

80 Manje lapho, izikhathi eziningi, lapho abaningi bethu amaPentecostal benze iphutha, futhi bacabanga ukuthi, “Awu, uMoya oNgcwele uthululelwa kimi. Akabongwe uNkulunkulu! Yilokho kuphela engifanele ngibe nakho.” Qhabo, mnumzane. Yisikhathi la nje usaqala. Wena, akukabi yikho. Kusengukuvivinywa nokuhlolwa kwakho.

81 Njengoba sithola nje ku—ku, ngale e—e—eTestamenteni eLidala; ukuhlolwa, ukuvivinywa, bese-ke kuba ukubekwa kwendodana. Ukwemukelwa komntwana, ukubekwa kwendodana emva kokuba isivele iyinendodana, ezelwe emndenini. Uyindodana, khona-ke uzovivinywa futhi ahlolwe, futhi akhuliswe ngabafundisi, futhi khona-ke kubonwe ukuthi uphila kanjani. Bese-ke ubekwa ngokwendawo ngokulingana, cishe impela, nobaba wakhe.

82 Manje kuyilokho okuyikho namuhla. Sibe cishe neminyaka engamashumi amane yokuvivinywa kwePhentekoste, noma ngaphezulu, niyabo, ukuvivinya ibandla, ukubona ukuthi ngabe azokwazi yini ukuma, noma qha. Ukubona ukuthi u. . . Futhi, niyabo, yilapho esiphinde sikuthole khona. Esikhundleni sokuthi sibambelele esiphambanweni naseZwini, futhi khona-ke siqhubekela phambili, siba ngabefashini nje silandele izwe, siwela nga*lapha*, noma siwele nga*leya*, noma senze izinto *ngale*ndlela.

83 Njengoba bengihlale ngikhuluma ngokumelana kanzima ngabantu abakulenkabiso yesimanje namhlanje, abesifazane baphungula izinwele zabo, na—namadoda aqhubeka nayo yonk’into, futhi agqoka izimpahla ezingahloniphekile nezinto. Ngithola ukugxekwa okukhulu ngalokho. Kodwa kuyini na? Ngukuzama ukusindisa lelobandla. Kungukuzama ukubakhuphulela phezulu *lapha,* eZwini likaNkulunkulu, kungakhathaleli ukuthi izwe elinye lithini ngaKho. Hlala neZwi likaNkulunkulu. Amen. Niyabo? Niyabo?

84 Into yakho ngukuthi, njengoba bengisho izolo ebusuku, amaPentecostal alindele umoya ovunguzayo onamandla, kepha ehlulekile ukuzwa leloPhimbo elincane elihashazayo. Niyabo? Lokho, kuyiphutha ukwenza lezo zinto. Bacabanga ukuthi, “Kuphela nje uma umoya usavunguza, kulungile.”

85 Kodwa lokho akuzange kukhange ukunaka komphrofethi. Lokho kuvunguza komoya akuzange kumhluphe umphrofethi u-Eliya emgedeni. Ukuduma okunamandla nemibani, nokuthela, akuzange kumkhange, nhlobo. Kodwa okwamsukumisa yilelophimbo elincane elihashazayo, leyo yinto eyayikhuluma naye ngaphakathi. "IZwi laMi liyiqiniso. Makuthi onke amaZwi omuntu abe ngamanga, nelaMi libe yiqiniso." Yilokho okwakhanga umphrofethi. Niyabo?

86 Futhi lisakwenza namanje. IZwi likaNkulunkulu liyohlala njalo likhanga umqondo kamoya, ngoba ngumqondo kaKristu okini, owaziyo ukuthi leloZwi liyiqiniso.

87 Nani nedlula esikhathini sokuvivinywa. Ibandla ledlula esikhathini sokuvivinywa. Umuntu ngamunye wedlula esikhathini sokuvivinywa ngaphambi kokuthi anqobe isango lesitha. U-Abrahama wedlula kukho. UKristu wedlula kukho. Emva kokuba uKristu esegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, lapho emfuleni iJordani, Wedlula esikhathini sokuvivinywa. Emva kokuba u-Abrahama esebizelwe ngaphandle, wabekwa ezweni lapho wayezoba isihambi khona, wabe-ke esnikezwa ukusoka, noNkulunkulu wahlangana naye, isikhathi emva kwesikhathi, ebe kanti kwadingeka edlule esikhathini sokuvivinywa. Yonke inzalo ka-Abrahama yenza into efanayo, u-Abrahama neNzalo yakhe.

88 Inhlangano, ibandla, yileso sizathu sithola izinhlangano zethu ziwela eceleni kwendlela, yingoba uma sekufika ekuvivinyweni. Ukuvivinywa kuphi na? IZwi likaNkulunkulu. Nakho-ke ukuvivinywa. IZwi likaNkulunkulu liyisivivinyo. Sizokwenza lokho okushiwo isigejane samadoda athi asikwenze, noma sizokwenza lokho uNkulunkulu athi asikwenze na? Yilowo-ke umehluko.

89 Nakho kufika, izinsuku zikaDwight Moody, izinsuku zikaFinney, uSankey, uKnox, uCalvin, uSpurgeon, nabobonke abanye babo, lawo madoda kamoya, izinhlanagano zalandelela emva kwabo. Babenesigejane samadoda emuva lapho aphendla indlela yawo kukho, ngamunye ekholelwa ku*lokhu* na*lokho*, futhi bangeza okuncane *lapha,* futhi bakhiphe okuncane *laphaya*, baphinde bengeze okuncane *lapha,* baze bagcina sebenze inhlangano kukho.

90 Uma sebekwenza, ikholwa leqiniso impela, uNkulunkulu uyafika nje futhi athathe omncane, umuntu othobekile, abhidlize leyonto ibe yizicucu. Kunjalo. Ubehlala ekwenza. UNkulunkulu akaguquki. Uvele ayidabule nje leyonto ibe yizicucu, abantu abanomqondo kamoya oyohlala ngqo naleloZwi.

91 Ake nginitshele. Ngithole incwadi iletha ekhaya, yelinye lamabandla amahle okwedlula onke, inhlangano enkulu kulomnyakazo wePentecostal. Lowo wesifazane ompofu

owephuke inhliziyo wangibhalela incwadi iletha. Futhi wathi, "Mfowethu Branham, benginezinwele ezinde futhi ngizibopha uphondo ngemuva kwekhanda lami." Wathi, "Futhi i... Umyeni wami ubezithanda." Wayesethi, "Sisukile edolobheni lapho besinebandla ebelingelikamoya ngempela, saya lapho kunebandla elikhulu, ibandla lokuqala ledolobha." Futhi wathi, "Uma sifika ngaphakathi lapho, bonke odade bePentecostal babephungule izinwele zabo." Futhi wathi, "Base bengisukela ngakho. Ngathi, 'Qhabo, qha. Ngikholwa ukuthi iBhayibheli lithi kithi singakwenzi lokho; kuyihlazo ukwenza lokho.'" Futhi ngakho-ke wavele wathi, "Futhi baqhubeka...Babemhleka, bathi, 'Yeyi, le—lelithayi lakho liyapantsha ngemuva, isipele sakho,' nakho konke kanjalo. Base besukela umyeni wami, ngendlela yokuthi, waze wangiphoqelela ukuthi ngiziphungule izinwele zami." Futhi wathi, "Ngizizwa ngilahliwe, kusukela ngaleso sikhathi."

92 Ake ukucabange nje, ibandla lePentecostal elifanele ngabe limele iZwi likaNkulunkulu! Yilapho-ke lapho inhlangano yenu iniyisa khona. Kunjalo. Bayehluleka ukuzwa leloPhimbo elincane elihashazayo leZwi, elibabizela eqinisweni. Bonke balalele ukuvunguza kwemimoya enamandla, nokumemeza okuningi nokudansa, bethi banamandla. Lokho kulungile. Ngiyakholelwa kulokho, nami. Kodwa, mfowethu, uma ukwazi ukudansa nokumemeza, futhi khona-ke uyajika futhi uphike iZwi likaNkulunkulu, futhi uphile njengezwe, kukhona okungalungile ndawo ndawo. Kunjalo.

93 UMoya kaNkulunkulu uyehla, leloPhimbo elincane elihashazayo, futhi khona-ke liyakuqondisa ngqo eKalvari, lapho sifele khona, nokuphila kwethu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, futhi sibekwe uphawu ngoMoya oNgcwele. Khona-ke, leloZwi lona lodwa liphila lapho. "Khona-ke uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikufisayo futhi nizophiwa khona." Nawo-ke umehluko.

94 Ngiyethemba angibonakali kini njengohlanya. Uma ngibonakala kanjalo, ngi—ngi—angazi lutho ngakho. Ngi—ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso, futhi Lifanele lihlale khona lapha. Futhi uma lihlala lapha, Lizozibonakalisa Lona ngaphandle. Lifanele likwenze! Impilo yakho, nokwakhiwa kwakho konke, kuzokwehluka.

95 Ngakho-ke ngesikhathi uNkulunkulu enikeza u-Abrahama isivivinyo, waphumelela, ngamaphesenti ayikhulu. Futhi ubenga...

96 UNkulunkulu angeke ayinikeze inhlangano isivivinyo, ngoba ihlangahlangene. UNkulunkulu akasebenzi ngaleyondlela nenhlangano. Akasebenzi nezizwe ohlangeni lwabeZizwe. "Wathatha abantu kwabeZizwe." U-Israyeli, Wathatha isizwe. Kodwa, kwabeZizwe, "Wathatha abantu

kwabeZizwe ngenxa yeGama laKhe." Ngakho-ke, niyabo, akusiyo inhlang-. . . Akusiyo inhlanagano. Ngumuntu ngamunye Amthathayo kwabeZizwe.

97 Futhi uma sekufika ukuvivinywa, uyabona ukuthi kwenzekani na? Siphumile ekulungisisweni. Sawemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngesikhathi somnyakazo wephentekhoste. Kodwa uma sekufika esikhathini sokuvivinywa, uthola izifundiswa ezipholishekile, zifuna ukufana nezwe, njengoba kwakunjalo ngesikhathi somnyakazo kaWesley nabo bonke abanye. Baya esikoleni. Ba—bafunda isayensi. Futhi bafunda ngalo lonke loluhlobo lwezinto ezihambelana nemfundo. Futhi bazama nokufunda isayensi yengqondo. "Into enhle kakhulu nje, awu, abakusho *lokhu*. Bayekeleni benze *lokhu* na*lokho*. Ngoba kuzo. . . " Niyabo, niyengezezela futhi niyakha. Injongo yenu—yenu—yenu iyiphutha. Inhloso yenu iyiphutha. Nakhela enhlanganweni esikhundleni sokuthi nakhele eKalvari. Ungakhela kanjani eKalvari, ungangenanga ngendlela yeZwi na?

98 "Ngoba sihlanzwe ngamanzi eZwi." "Hlalani kiMi namaZwi aMi ahlale kini, bese-ke nikucela enikuthandayo."

99 Yilapho esibona khona ukwehlulwa komnyakazo wePentecostal, ngoba bayaqhela eZwini. IZwi lizosho into yinye; bazozama ukwenza leyanhlangano ingene lapho ndawo ndawo. Futhi bayohamba besuke nje kuleloZwi, futhi balithathe balingenise nenhlangano. Futhi niyabo lapho sekuhambe kwafika kuphi na? Sekucishe kufane nawo onke amanye amabandla. Kodwa-ke siyadansa futhi simemeze, futhi sikhulume ngezilimi, futhi sigxume siye phansi naphezulu, lokho kulungile. Inhlangano yabo ilungile. Ngiyethemba Ngizibeke ngacaca. Kodwa into ukuthi, leloPhimbo elincane elihashazayo leZwi elikhulumayo. Yilokho nje.

100 Nedlula ekuvivinyweni. UNkulunkulu uyanivivinya njengoba Enza ku-Abrahama. Uyayivivinya iNzalo ka-Abrahama, emva kwakhe. Futhi manje, isizathu esenza singalinqobi isango lesitha, isizathu kunamaningi phakathi kwethu, yingoba asikwazi ukumela ukuvivinywa. Futhi ake nginitshele okuthile, ukuvivinya kweZwi kulungile.

101 Isizathu esenza ukuthi singabi nakho, futhi asisoze sibe nakho. . . enhlanganweni. Ngicabanga ukuthi iPentekoste inenhlangano ekahle. Amanye amadoda akahle kakhulu ngi. . . ahleli. . . izimpilo zawo ebusweni bomhlaba, awalezo zi—zinhlangano.

102 I-Assemblies of God, nginabangani phakathi lapho. He! Umfowethu khona lapha e-Indiana, Ngizo, ngizoba nomhlangano, ngiyakholwa, le, khona masinyane nje. UMfowethu Roy Weed, umgumphathi sifunda wesifunda sase-Indiana. Ngikholwa ukuthi lowo ungumuntu omesabayo

uNkulunkulu. Nokho, uyindoda yesifunda kwi-Assemblies of God.

103 I-Foursquare, o, he, bangaki! URalph McPherson nabanye abaningi balabo bafowethu, abangabantu abamesabayo uNkulunkulu, abanalutho ezimpilweni zabo. Bangamadoda akahle.

104 Ngale kuyongena kwi-Oneness, lokho abazibiza ngakho, i-Oneness. Noma, manje, angicabangi. . .Bakubiza ngokuthi ibandla leJesus Name. UJack Moore, ebiza nje omunye aphume e. . .Kunamakhulu abo, amadoda akahle, amadoda alungile, amadoda amesabayo uNkulunkulu.

105 Kodwa into yakho ngukuthi, mfowethu, yilokhu, uma ubambelela kuleyonhlangano. Niyabo? UNkulunkulu uthatha lezo zinhlangano, futhi—futhi zonke ziwile. Zibukeni, izwe lingena ngesinyelela. Bukani abesifazane babo. Bukani abesilisa babo. Bukani izimo zabo. Nginganikhombisa, abantu be-Assemblies of God abangamadikoni ebhodini labo, asebeganwe kabili noma kathathu, abashumayeli beqhubeka. Abesifazane nezinwele zabo eziphunguliwe, bagqoka izikhindi, ukuzipenda, kepha basazisho ukuthi banoMoya oNgcwele, bencike ebufakazini bokukhuluma ngezilimi, noma bagxumagxume baye phansi naphezulu, noma bamemeze.

106 Behlulekisa leloPhimbo elincane elihashazayo. LeloZwi likugcina ume wabhalansa esiphambanweni. Yilapho la lihleli khona. Yingakho singenabo abaphrofethi abayibo ngempela ebandleni namuhla, njengo-Agabus.

107 Yingakho, ibandla namuhla, a—abasakuhloniphi nje nakancane ukukhuluma ngezilimi uma othile ekhuluma, ngoba sebezwe okuningi okumbumbulu nokuqhubeka, baze bangasazi ukuthi yikuphi okuyikho nokungesikho kukho.

108 Ukuhumusha okuyinto efekethisiwe nje, umuntu asho nje okuthile ngoba uzizwela eholeleka. Lokho akusikho ukuhumusha. Ukuhumusha; hhayi ukuthi umuntu othile asukume akhulume ngezilimi, futhi khona-ke omunye uyasukuma emizuzwini embalwa futhi ahumushe akushilo. Uma omunye ekhuluma, lona omunye uyahumusha ngaleso sikhathi, asho igama ngegama, ukuzwakalisa okufanayo, yonk'into ifane. *Le*ndoda ingahle ukube iyaprofetha, kodwa akusikho ukuhumusha. Abanye babo, *lolu*hlobo lwephimbo linikeza okuthile, *lena* lapha emuva inikeza into enye. Futhi abanye basho amagama ayishumi, omunye asho amagama angamashumi amahlanu emva kwalokho, kungukuhumusha.

109 *Ukuhumusha* kusho, "ukusho, igama ngegama." Uma kuyiZwi likaNkulunkulu, lifanele lifike, igama ngegama; umudwa phezu komudwa, umudwa phezu komudwa. Yileyo indlela iZwi elifanele lize ngayo.

110 Kodwa yini esiyibonile na? Okuningi okumbumbulu! Futhi bakwenzile lokho, ngokuhleleka, esikhundleni sokuhlala neZwi, babeka lokho phansi lapho. Masinyane umuntu angenza lokho, bambiza ngePentecostal. Futhi niyazi ukuthi kwenzekani.

111 Uma isivivinyo sifika, isikhathi sokuvivinywa, khona-ke iMbewu iyaqala, kuyakhombisa ukuthi yiyiphi iMbewu futhi yiyiphi engesiyo. Manje, akukhathaleki ukuthi kwenzekeni, u-Abrahama wahlala neZwi, isethembiso.

112 Kodwa namuhla inhlangano ayikwazi ukwenza lokho. Nani abanye bafowethu abayigugu balezo zinhlangano, ningavumelani nabo kanye nje, uyazi ukuthi usuyephi. Bangaki abenu na?

113 Angisho, kulesi sakhiwo manje, kodwa bangaki abake babakhona esifundweni sami, bangaki abake baba nami, bathi, "Mfowethu Branham, siyakwazi ukuthi lokho kuyiQiniso. Kodwa uma sikhahlelwa sikhishwa lapha, yini esizoyenza na?"

114 Mfowethu, sizokwenzenjani na? Bambelela eKalvari, bambelela esethembisweni, bambelela esiphambanweni, kungakhathaleki.

115 Futhi khona phakathi lapho, banamanye nje amadoda akahle ukuwedlulula onke. Niyabo? Kodwa engizama ukukwenza, ngukuba ngithi, lokho kuzofanele kwehluleke. Bekuhlala njalo kwehluleka nje futhi kuyohlala njalo kwehluleka. Kodwa kungukuthi, noma ngabe uyehluleka noma qha, ngoNkulunkulu, gcina iZwi likaNkulunkulu nesethembiso saKhe, kuqala. Uzovivinywa ngaLo.

116 Nizosayina amaphepha, ukuthi nizokwenza *lokhu* noma nizokwenza *lokho*. Nimelane ngisho neZwi, nizolokhu nilisayina. Kunjalo. Enhliziyweni yakho, uyazi ukuthi kuyiphutha. Lelo yileloPhimbo elincane elihashazayo elikhulumayo, leloZwi. Akumangalisi singakwazi ukuhamba siqhubeke, ngoba into ethile yenzekile. Uzehlukanisile naleloPhimbo elincane elihashazayo. Usheshe wagijima waphuma. UNkulunkulu ekubiza, kodwa wagijima waphuma ngokushesha, ngoba imidumu ibhongile, imibani yabanika, nentaba yazamazama.

117 Akuzange kunyakazise u-Eliya, lowo mprofethi. Wayefuna leloPhimbo, kuqala. Wathi, "Ngizohlala khona lapha."

118 Abaningi kakhulu namuhla, baqalile, izinkonzo zokuphulukisa, ukuqhathanisa kwenyama, lonke uhlobo lwezinto, nemizwa okungazange kuvele eZwini likaNkulunkulu. Kunjalo. Kuyini na? Sifanele sihlabelele leloculo, "Labo abalinda eNkosini. Ake ngehlise ukuzikhukhumeza kwami ngibize iGama laKho. Ake ngilinde, Nkosi, ngize ngizwe leloPhimbo elincane elihashazayo." Futhi leloPhimbo kuzoba iPhimbo lokomBhalo. Lizokhuluma ngqo neZwi. Amen. Kulungile.

119 Sithola, u-Abrahama emva kokuba esebekiwe, wabizwa, wehlukaniswa nabathandekayo bakhe, nomndeni wakhe, nekhaya lakhe, ezihlotsheni zakhe, waya ezweni angalazi. Ngokukholwa wakwenza lokho. Khona-ke, ngenxa yokuthi wakwenza lokho, uNkulunkulu wamnika ukusoka, ukufakazela ukuthi wayeyindodana kaNkulunkulu, ukuthi wakholelwa kuYe ngoba wayesikholwa isethembiso. Namanje, wayengakwazi, wayengasiboni ngokwemvelo, kodwa washo ukuthi, "Konke okuphambene neZwi likaNkulunkulu kwakungamanga." Noma ngabe kungaze kuvele ubufakazi obungakanani, kuselokhu kungamanga.

120 Ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa ngizofanele ngikusho. Bukani. Futhi uma uthatha owesifazane, ngizokusho ngento ethile ebonakalayo, ukuze nizoyibona, labo abazisho ukuthi banoMoya oNgcwele, futhi abanakho nokuzihlonipha okwenele ukuthi—ukuthi bayekele izinwele zabo zikhule, kukhona okuyiphutha ndawo ndawo. Owesifazane oyogqoka okuphathelene nowesilisa, akugqoke, libe iBhayibheli lithi, "Kuyisiningiso ku—kuNkulunkulu, ukuba owesifazane agqoke ingubo ephathelene nowesilisa." Bese-ke uzisho ukuthi unoMoya oNgcwele kepha wenze lokho na?

121 Ngakhuluma ngakho ngelinye ilanga e-Oregon. Kwakunowesifazane owangibhalela incwadi iletha enkulu ebanzi. Wathi, "Mfowethu Branham, unenkonzo enhle kakhulu, kodwa uyayona ngempela." Wathi, "Manje, kuthiwani khona-ke nge . . . " Wathi "Ngigqoka ama-ovaloli sonke isikhathi." Wathi, "Kuthiwani khona-ke ngokuhamba uye engadini ukuyokha okuthile—okuthile engadini, futhi ngigqoke ingubo. Awucabangi ukuthi kuzobukeka kangcono uma ngigqoke ama-ovaloli kunokungaba yikho, noma odangara, noma ngabe kuyini, kunokugqoka ingubo na?" Wayesethi, "Buka, ngiyagibela ngiye ezintabeni nabafana uma beya ukuyolusa izinkomo, futhi," wathi, "Ngingena endaweni egcwele imiyane." Wathi, "Manje, uma ngigqoke i—ingubo, iyangiluma. Uma ngigqoke ama-ovaloli ayingihluphi."

122 Ngathi, "Lokho kuzace kakhulu kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala. Umusa! Akunalo ngisho iZwi elilodwa likaNkulunkulu ngakho. Ngumbono wakho nje lowo."

123 UNkulunkulu wathi, "Makuthi onke amazwi abe ngamanga, nelaKhe libe yiqiniso." Umkami ugqoka ingubo. Uyachutha engadini. Akananinga ngakho. Futhi, noma kukanjalo, owesifazane akanamsebenzi nesigejane samadoda ngaphandle lapho, elusa izinkomo, empeleni. Ufanele abe sekhishini lapho angowakhona. Kunjalo.

124 Bazama ukuthola izaba nje, kodwa azikho. IZwi likaNkulunkulu lisobala, nowesifazane ozelwe nguMoya

kaNkulunkulu uyokwenza. Nowesilisa ozelwe nguMoya kaNkulunkulu angeke avumele umkakhe ukuthi aziphathe kanjalo. Wathini Yena na? "Owesifazane othatha, aphungule izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe." Futhi indoda yakhe iyinhloko yakhe. Akahloniphekile.

125 Kungcono ngithule. Kulungile. Manje, niyabo, niyabo, lokho kwenele. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

126 Angikusho lokho ngenhliziyo embi. Uma lokho ngikusho ngenhliziyo embi, uNkulunkulu akabe nesihawu enhliziyweni yami egcwele isono; mangiguqe lapha kuleli-altare, ngiphenduke.

127 Ngikusho ngoba, bangani, ngiyanithanda. Futhi ngizama ukunitshela okuyiqiniso, futhi lokho yiZwi likaNkulunkulu. Sifanele sizwe leloPhimbo elincane likaNkulunkulu, ukulinganisela kulelo iZwi. Sedlula esikhathini sokuvivinywa. Haleluya!

128 Niqaphelile yini ukuthi emva kokuba isikhathi sokuvivinywa sesifika, lokho kufundisa kwaleyondodana eyazalelwa ekhaya eliyihlelo na? Uma yakwazi ukumelana nalokhu kuvivinywa futhi yahlala nesifiso sikababa, khona-ke lowomfana wayethathwa ayiswe ngaphandle futhi khona-ke ambathiswe ingubo, futhi khona-ke kuba nomcimbi oshiwoyo. Futhi khona-ke lowomfana wayebekwa-ke emndenini azalelwe kuwo.

129 Yileyo indaba ngamaPentecostal ethu namuhla. Agxumela nje *lapha* na*laphaya*, nezinhlangano zethu zibadonsele nga*le*ndlela na*leyo*ndlela. Abahlali neZwi.

130 Uma uzohlala neZwi, khona-ke uNkulunkulu, ebona, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini," AbaKhe, Angeke aLiphike. LiyiZwi laKhe. Khona-ke kuzoba nesikhathi, ngesinye isikhathi, lapho uzokhishwa khona futhi ubekwe eceleni, futhi khona-ke unikezwa into ethize yangoqobo, haleluya, amandla kaNkulunkulu uMninimandla onke.

131 Okungukuthi, uNkulunkulu ulindele abantwana baKhe, kodwa angeke bame emgqeni, uma befika kulesisikhathi sovivinywa. Ningakwemukela na? "Awu, ibandla lizongikhipha." Kulungile. Nakho laph'ukhona. Khona-ke, hamba. Leyo akusiyo iNzalo ka-Abrahama. INzalo ka-Abrahama ayenzi kanjalo.

132 INzalo ka-Abrahama! Manje, anginandaba ukuthi yini ephambana no-Abrahama, wahlala ngqo naleloZwi lesethembiso, wahlala ngqo nalo. Kungenandaba ukuthi uSara uza kanjani, nabanye beza, abehlukahlukene befika, yonk'into, wayekubala kungathi akunjalo. Wabuka, wakholwa ukuthi uyosibona isethembiso, ngoba uNkulunkulu wamethembisa sona, futhi yilokho kuphela okwakukhona kukho. KwakuyiZwi likaNkulunkulu, lahlala ngqo kuye.

133 Wase-ke Emnikeza leso sivivinyo sokugcina. “Ngizomnika okuphindwe kabili, futhi ngimhlole.” Manje, usuvele unayo indodana. Uyabona ukuthi usenakho lokho. “Kodwa manje ngizomtshela, ‘Thatha leyondodana yakho wenyuke nayo ufike uyibulale.’ Futhi makuthi leyondodana, uma eyibona . . . Angayibulala yini leyondodana na? Ngizomhlola manje.”

134 U-Abrahama, eqinisekile eZwini! Kanjani, uma wemukela isethembiso, uzoyimisa kanjani into na? Kanjani, uzokwenza kanjani na?

135 “Ungalindela kanjani ukuthi ube ngubaba wezizwe, futhi nakhu lapha uneminyaka eyikhulu neshumi nanhlanu ubudala manje na? U-Abra- . . . U-Isaka omncane, cishe eneshumi nane, iminyaka eyishumi nanhlanu ubudala. Uzoba kanjani ngubaba wezizwe ube uneminyaka eyikhulu namashumi amahlanu ubudala na? Nangu umntwana wakho okunguphela kwakhe, futhi ubulala ubufakazi bakho obungukuphela kwabo onabo.” Amen.

136 “Ngizophumelela kanjani uma ngiphuma enhlanganweni yami na? Ngizophumelela kanjani uma ngenza *lokhu* na?” O, lalela leloPhimbo elincane elihashazayo futhi khona-ke uza eZwini, iZwi.

137 Uthi, “Ngizwe iphimbo lingitshela *lokhu*.” Uma kuphambene neZwi, bekungesilo iPhimbo likaNkulunkulu. IPhimbo likaNkulunkulu liza eZwini.

138 Kwase kuthi-ke u-Abrahama ukhuphukela lapho kuleliPhimbo, futhi elihashazayo, iPhimbo elincane likaNkulunkulu, eZwini likaNkulunkulu, ufanele athathe ukuphila kwendodana yakhe eyodwa.

139 Wathi, “Misa isandla sakho, Abrahama. Ngiyazi manje ukuthi uyaNgithanda. Futhi nabo bonke labo abeza emva kwakho, haleluya, bonke labo abeza emva kwakho, ofuna ukuthatha iZwi laMi, bazoba yiNzalo yakho, futhi lapho-ke bayonqoba isango lesitha.”

140 Ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi sokunitshela okuthile okwenzeke ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, niyabo, okwenzekile. O, he!

141 “Izonqoba isango lesitha; iNzalo yakho emva kwakho. U-Abrahama, okubusisayo uyakubusiswa, nalowo okuqalekisayo uyakuqalekiswa.” UJesu wathi, “Kuncono ukuba itshe lokusila lilengiswe entanyeni yakho, futhi ucwiliswe ekujuleni kolwandle.”

142 Nalezi zinhlangano eziphendula lawomadoda amesabayo uNkulunkulu, ngoba ethathe isinqumo sokumela iQiniso, iZwi, noMoya namandla kaNkulunkulu, futhi khona-ke bahlala neZwi, niyabo ukuthi kwenzekani na? Bacwiliswa olwandle lokukhohlwa.

143 "Kuncono ukuthi itshe lokusila lilengiswe entanyeni yakho, futhi ucwiliswe ekujuleni kolwandle, kunokuthi ukhubekise omncane walaba abaGgcotshiweyo." Bangobani na? INzalo ka-Abrahama ehlezi neZwi lesethembiso.

144 Amanye alamabandla ethu efika endaweni lapho ephika khona. Aphika ukuphiliswa kukaNkulunkulu. Abasakufuni nhlobo ebandleni labo. Kunjalo. Izinhlangano zethu zePentecostal azisakufuni nhlobo ukuPhilisa kukaNkulunkulu. Kuyini na? Aniboni yini ukuthi udeveli usebenze kanjani na? Ufike lapho futhi wakhuluma izinto mbumbulu ezihambisana kanjalo. Futhi nje abantu abanobuhlakani abacabanga ukuthi abakamoya, futhi babuke kulokho, futhi bathi, "Buka *lokho*. Buka *lokho*." Angibuki lokho.

145 Uma uyiNzalo ka-Abrahama, uzobuka isethembiso sikaNkulunkulu, lokho uNkulunkulu athe kwenze ngakho. Yilokho nje. INzalo ka-Abrahama, sibuka isethembiso. Anginandaba ukuthi bangaki abawela nga*lapha* nokuthi bangaki abawela ngal*eya*ndlela. Isethembiso sibe silokhu simile siyiqiniso.

146 Ufanele uze wedlule kulezozivivinyo. Niyabo? Yebo. U-Abrahama, waqala ngokuvivinywa, wase-ke ebekwa uphawu, wase-ke enikezwa isethembiso sokuthi, "iNzalo yakhe ifanele inqobe isango lesitha." Ngiyakuthanda lokho. Khona-ke, banqoba isango lesitha sabo emva kokuba sebevivinyiwe.

147 Into yakho ingukuthi, asikwazi ukumela lokhu kuvivinywa. Kungaleso sizathu ukuthi izinhlangano zethu zingakwazi ukumela ukuvivinywa. Akusiyo intando kaNkulunkulu. Yiyo, uNkulunkulu uyibusisile, kodwa akusiyo intando kaNkulunkulu. Ngoba, niyabo, unesigungu sawo onke amadoda lapha anemibono eminingi ndawonye, bayibuyise bayihlanganise ndawonye futhi khona-ke baphuma nowedlula yonke abakhona. Abanye babo bathi, "*Lona* ngumuntu omkhulu. Angeke uliphikise izwi lakhe." Awu, yileyondlela efanayo ibandla eliKatolika elihleleke ngayo, yinto efanayo, phezu kwesigejane samakholwa anobuhlakani. Abanobuhlakani, bayakubuka, bahambisane nesikhathi. Angeke ukwazi ukukwenza lokho. Yonke enye into ingamanga ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu.

148 U-Abrahama akazange abuke kulokhu okunye ngaphandle kwesethembiso sikaNkulunkulu. Kungakhathaleki ukuthi kwenzakalani, wahlala nesethembiso sikaNkulunkulu.

149 Khona-ke yileso isizathu singatholi okuphezulu. Inhlangano ngeke ize ilinqobe isango lesitha. Kunemiqondo eminingi elibele phakathi lapho.

150 Kuzobiza umuntu ngamunye, onqoba isango lesitha. Ungakwenza uma ufuna. Yebo, mnumzane.

151 Ake sizame abambalwa, imizuzu embalwa, sibone ukuthi bahlala yini nomBhalo.

152 Manje, kwaba nesikhathi ezansi eBabiloni ngesikhathi kune—nesithombe esimisiwe, uhlobo ofanayo nje lwebandla eliKatolika, futhi wonke ongazange akhothame kuleso sithixo uzoshiswa esithandweni somlilo. Manje, kwakungelamanqamu, ukuthi babezokuma yini noma qha, ngesikhathi uNkulunkulu wathi, "Ningabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi, noma nenze noma yisiphi isithombe sanoma yini." Yilokho uNkulunkulu akusho. Elamanqamu lafika.

153 Bonke abakwa-Israyeli bawela lapho. Futhi ngesikhathi icilongo likhala, no—nomntshingo ukhala, ne—nemfiliji ikhala, ngani, bonke bawa phansi phambi kwalesi sithixo.

154 Kodwa kwakukhona abathathu babo abathi, "Ngeke kwenzeke lokho." Bezwa leloPhimbo elincane elihashazayo, base behlala emgqeni neZwi. Benzani na? Bahlala neZwi.

155 Futhi kamuva, ba—ba—bathi, "Uma ningakwenzi... Sizoninikeza elinye ithuba, noma sizonifaka esithandweni lomlilo."

156 Bathi, "UNkulunkulu wethu angakwazi ukusikhulula kulesosithando somlilo." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Kodwa, noma kunjalo, sizohlala neZwi."

157 Manje, mfowethu, uthini ngawe na? "Ngizokwenza ini, Mfowethu Branham na?" Hlala neZwi. Hlala nesethembiso. "Ibandla lami lonke lizohamba lisuke kimi." Hlala nesethembiso. Afanele ashabalale aphele, ahambe nje ngelinye ilanga, nakanjani. Kodwa, uNkulunkulu angeke. Hlalani nesethembiso. "Awu, ngiyanitshela, bazongikhahlela bangikhiphele ngaphandle." Hlala nesethembiso, ngokufanayo nje. Wena hlala nje nesethembiso. Manje, uma ningahlala nesethembiso nihlale lapho, nihlale ngqo nabo-ke.

158 Nihlanganyela nabobonke abantu. Kodwa manje lapha, manje, angeke uze uphumelele ngenye indlela ngaphandle kokuthi uhlanganyele nawo wonke umuntu. Ufanele wenzenjalo. Manje, uma sebaba babi kakhulu, bona bengaziphathi kahle, khona-ke suka kubo. Kunjalo. Ungangeni emagcekeni esitha. Kodwa uma nje uzama ukuzuza umfowenu, lokho kwehlukile. Niyabo?

159 Manje bhekisisa. Kodwa awusoze wazuza umbono wenhlangano, umuntu oyedwa. Qhabo, mnumzane. Uma, sebebeke umthetho wabo, "Sikholwa *yilokhu*, kuphela nje!" Uma uzobhala imfundiso yakho, "Sikholwa *yilokhu*," ukhefana, kuzokwehluka. Ikhefu lisho ukuthi, "Sikholwa *yilokhu,* futhi ufanele nje uze *kulokhu* futhi usayine leliphepha, noma yilokho kuphela kwakho."

160 Kodwa uma uthi, "Sikholwa yilokhu," ukhefana, "futhi kangangokuba singafunda nakuNkulunkulu. Sivulelekile kuMoya oNgcwele," lapho-ke uyaqhubeka, mfowethu. Yebo. Lokho kuzohluka manje.

161 Kodwa, niyabo, uma ukuthole ukuthi kubhalwe kanye nesikhathi, noNkulunkulu anikeze okunye okuthile kuphinde kuvele okunye, ukufakazela ukuthi iZwi laKhe, iQiniso, awukwazi ukunyakaza, ngoba kuyi "sikhathi." Lokho kuyasiphelisa. Yilapho afa khona amaLuthela. Yilapho afa khona amaMethodisti. Yilapho afa khona amaBaptisti. Yilapho afa khona amaPresbyterian. Futhi yilapho amaPentecostal afa khona. Kunjalo. Kunjalo. Afa khona lapho, ake nibuke nje, ngoba se—sekuvele kubhaliwe. Akusekho o—ongakwengeza kukho noma ukususe kukho. Yi—yilapho. Leyo yimfundiso yakho.

162 AmaLuthela awazange akwemukele ukungcweliswa. Qhabo mnumzane. Kade ethi, "Abalungile bayophila ngokukholwa." Hhayi uMartin Luther; kodwa leloqembu elalimlandela. Kunjalo.

163 Akusuye uJohn Wesley; kodwa yileliqembu elalimlandela. Kulungile.

Akusuye uCalvin; kodwa iqembu elalimlandela.

164 Akusuye uJohn Smith webandla leBaptisti, owakhuleka kanzima, ngesikhathi sasebusuku, aze amehlo akhe avuvuka avaleka, ngenxa yebandla lakhe; nomkakhe wayeze amholele ngaphandle aphinde amfunze lapho ngesipunu, etafuleni. Akusuye; kodwa yilesisigejane samaBaptisti ebesimlandela, inhlangano eza emva kwakhe.

Akusuye u-Alexander Campbell; kodwa yilabo ababekade bemlandela.

165 Akusiwo umnyakazo wepentecostal wasekuqaleni, eyayinazo zonke izinto okuhlanganyelwa kuzo, futhi bahlanganyela nawo wonke umuntu; kodwa yilamaqembu ezayo futhi athi, "Qhabo. Thina siyi*lokhu*, futhi siyi*lokhu*. Futhi *lezi*zindaba, futhi lokho yilokho!" ("Bazehlukanisa, kubonakala sengathi abanalo uKholo.") Kunjalo. Yilokho okwakwenza. Nanso into embi. Amen. Ngizizwela ukholo, kulokhukusa.

166 Abantwana bamaHebheru, emva kokuba sebakwazile ukumela isivivinyo, noma babezohlalela iZwi lesethembiso, noma qha, bafakwa ekuvivinyweni. Base benzani khona-ke na? Banqoba isango lesitha. Amen. Ngani na? Bahlala eZwini.

Hlala neZwi, leloPhimbo likaNkulunkulu elikhuluma nawe.

167 Manje, sonke isizathu sathi, "Manje, bukani. IBabiloni, lalingeke lehluke. Ngoba, thina, uma sikhothama phambi kwalesi sithombe, sikhonza uNkulunkulu, empeleni. Awu, uma sikwenza *ngale*ndlela, sikusho ukuthi *ngale*ndlela."

Kwenzeni ngendlela uNkulunkulu ayisho.

168 Ukube uNkulunkulu wathi, "Mose, khumula izicathulo zakho, Mose. Usendaweni engcwele."

169 Wathi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyakholelwa impela kuWe. Ngizovele ngikhumule isigqoko sami, esikhundleni. Kulukhuni ukuqaqa izintambo zesicathulo sami." E-hhe. Hhe! Bekungeke kuze kusebenze.

Wathi, "Isicathulo." Akashongo ukuthi "isigqoko." Kunjalo.

170 Ufanele uze, umugqa ngomugqa, lokho uNkulunkulu akushoyo, futhi uhambisane neZwi laKhe.

171 Manje, emva kokuba sebekutholile ukuvivinywa, banqoba isango lesitha lomlilo. Bathola ukuthi, uma beqhubekela ekugcineni phansi ekugcineni, behlala eZwini likaNkulunkulu, balinqoba isango. Kunjalo. Ngemuva . . .

172 UDaniyeli. Kwakunesimememezelo esaphumayo, futhi sisayinwe ngamaMede-o-Pheresiya, esasingeke sishintshwe, ukuthi, "Uma umuntu ekhuleke komunye uNkulunkulu, akaphonswe emgodini wezingonyama." Futhi uDaniyeli wayazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalingukuthi, uzokhuleka kuYe kuphela, ngakho-ke wavele wavula amafasitela wakhuleka noma kunjani. Manje, akazange aye ekhoneni. Wavula amafasitela abheke ngasethempelini. Wayenganamahloni ngakho.

173 Futhi khona-ke asifuni ukwenza inkolo yethu ngeSonto kuphela, futhi ngoMsombuluko senza okunye. Noma, sikholwe ngenhliziyo yethu into eyodwa, sifike komunye umuntu futhi sithi, "Awu, angazi. Ya, ngicabanga ukuthi usho khona." Yiba yilokho oyikho. Awusikho, phuma epulpiti, phuma ebandleni. Kunjalo. Ngoba, ubophezeleke kukho kokubili. Hlala uyilokho oyikho. Yisho lokho okholwa kukho, khona-ke awunakho omele usuke kukho. Umele lokho okuliqiniso ngqo. Wonk'umuntu uyabazi ubunjalo bakho. Amadoda azokuthakasela, noma yiyiphi indoda.

174 Owesifazane angaba mubi ngendlela eyisimanga. Angaba mkhulu, akhuluphale, abe mncane, azace, abe nekhanda elimnyama, abe namehlo ansundu, abe namehlo aluhlaza-sasibhakabhaka, abe namehlo ampunga; elilodwa, ngenye indlela, nangenye. Kodwa uma lowo wesifazane ehlanzekile, inenekazi, akukho ndoda ezweni ngaphandle kwengabethulela isigqoko, inobudoda obenele ngaphakathi kuyo. Kunjalo. Ngoba, u—uveza ukuthi ungubani, namadoda ayakuthakasela.

175 Kanjalo noNkulunkulu uzoyithakasela indoda ezoba yilokho eyikho, noma amadoda azisho ubuKristu. Asibe ngumKristu, sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, nangeZwi likaNkulunkulu, noma sikhohlwe yikho. Kulungile. Ngoba, ngaphandle kwalokho, futhi khona-ke uba nobuzenzisi, futhi

uphile impilo eyehlukile. Futhi khona-ke abantu bakubona ugijimela lapha emidansweni, futhi ubhema, nezinto ezinjalo, futhi uzisho ukuthi ungumKristu, khona-ke, niyabo, nibeka isikhubekiso endleleni yabanye.

176 Niyabo nina besifazane, ngesinye isikhathi, ukuthi baziphungula kanjani izinwele zabo futhi bagqoke futhi baziphathe kulezizingubo ezindadlana abazigqokile, babukeka sengathi isoseji elihlutshuliwe noma okuthile, futhi baphumela lapho esitaladini, bezulazula, namaqhoksi aphakeme cishe *kangako*, bentshikiza ezansi esitaladini. Ngabe ubuphentekostali lobo na? Bese kuthi-ke a—amanye amabandla athi, "Bazitshela ukuthi banokuthile abangenakho."

177 Ninamatheliswe ngophawu futhi namakwa ngoMoya oNgcwele. Anikho ehholweni lomdanso namhlanje ebusuku futhi nigonwe ezingalweni zendoda ethile, engesiye umyeni wakho; ebusukwini obulandelayo, futhi nibuyele enkonzweni futhi nisine yonki'ndawo. Akusibo ubuphentekostali lobo. Lokho ngukuzenzisa. Lokho ngukungcola.

178 Akusikho ukuthi ngikusho kini kangako. Kodwa, niyaqonda, ukuthi lamateyipu enziwa lapha aya emhlabeni wonke, ngakho-ke ngishumayela sengathi ngumhlaba wonke. Uma ngizwa uNkulunkulu ethi, "Yisho okuthile," ngivele nje ngikusho, ngoba angazi ukuthi kuyaphi. Lokho kukuYe ukuthi akunakekele. Hlala nje neZwi. Kunjalo. Kulungile.

179 Qhabo, uDaniyeli wayengekwazi ukuthi akhothamele leso simemezelo sabo, noma ngabe wayekhishwa enhlanganweni yabo noma qha. Wahlala ngqo kulelofasitela, futhi wahlala neZwi likaNkulunkulu. Wayengenamahloni ngaLo.

180 Kwenzekani na? Bamphonsa phakathi ephandwini wezingonyama, kodwa walinqoba isango emphandwini wamabhubesi. Ngani na? Udumo! Ngenxa yokuthi uNkulunkulu wathi eyakhe . . . "INzalo yakho iyonqoba isango lesitha." Noma ngabe yisiphi isitha, unalo isango. O, kukangaki singa . . .?

181 Bukani uMose, elandela umugqa wemiyalo kaNkulunkulu, waya ezansi eGibhithe, kubukeka konke sengathi kwakuphikisana. Wayenabalingisi abahamba naye. Wehlela khona ne—nedlanzana lezibonakaliso, ukukhombisa ukuthi wayethunyiwe. Waphonsa phansi inyoka, nokunye nokunye kanjalo.

182 Nakho kuza abalingisi, baphonsa ezabo phansi. Yini ayengayenza na? Lutho. UNkulunkulu wayengamtshelanga ukuthi babezokwenza lokho. Wayefuna ukuvivinya uMose. NguYe Owayevumele oJane noJambre ukuthi baphonse phansi izinyoka zabo, noma izinduku zabo.

183 Ngakho-ke nango uMose wema emgqeni womsebenzi. Wayiphonsa phansi induku yakhe. Yaphenduka yaba yinyoka.

Wathi, "Buka lokho, Faro. Yilokho iNkosi yami ethe angize, ngikwenze phambi kwakho."

184 UFaro wathi, "Wozani lapha, Jambre noJane." Baphonsa ezabo izinduku phansi. Zaphenduka zaba yizinyoka, njengalokhu uMose enzile.

185 Ngabe ubuso bakhe bababomvu na? Qhabo, mnumzane. Waqhubeka wakholwa ukuthi uNkulunkulu umthumile. Wahlala naleso sethembiso. Futhi kwase kwenzekani na?

186 Yilapho uphambi kweminye imihlangano yenu yengqungquthela. Ubuso bakho bungahle bube bomvu, kancanyana. Hlala neZwi.

187 Kwenzekani na? Khona masinyane nje, imfezi enkulu kaMose yavele yeza futhi yazigwinya zonke. UNkulunkulu waqinisekisa. Emva kwalesi sivivinyo sakhe, wathi, "Ngifuna wena, ngalesi sibonakaliso, ukhulule abantwana baphumele ngaleya. Ngifuna ukuthi ubabuyisele emuva ekhaya, lapho bengabakhona. UNkulunkulu uza phansi lapha ukuzokusho, ungithume ukuthi ngize lapha ngizobakhulula. Ngifuna ukuthi babuyele emuva." Wajikijela lokho phansi lapho.

188 O, isivivinyo siyafika. UMose, uzokwenzani, uyajika, uyahamba, uthi, "Awu, kungenzeka ukube benginephutha"? Qhabo, mnumzane.

UMose wema khona lapho, "UNkulunkulu ungithume lokhu." Udumo!

189 UNkulunkulu esho noma yini, hlala naLo. Akunandaba ukuthi kwenzekani, hlala naLo. Uma bekukhiphela ngaphandle futhi bathi, "Angeke sibambisane nawe, angeke sikwenze *lokhu*," hlala naLo.

190 UMose wahlala nalo ngqo. Kwenzekani na? Walinqoba isango lesitha sakhe. Haleluya. Udeveli wathi, "Ngizodonsa uLwandle oluFile lube ngaphambi kwenu," kodwa lwavuleka. Abakwazanga ukuqhubeka nokubagcina eGibhithe. Wanqoba isango lesitha. Ngani na? Ngoba wahlala nokuthunywa uNkulunkulu amnika khona. Imiyalo kaNkulunkulu, wahlala neZwi likaNkulunkulu futhi wawanqoba amasango esitha.

191 UJoshuwa, emva kokuba esedlulelile ekuvivinyweni. Wayesezansi lapho, mhlawumbe, babebhukudile bawela iJordani, yena noKalebi, kanye nezinhloli. Uma esebuyela emuva evela eJordani, bakhuphukela eKadesh-Barineya. Futhi bonke bathi, "O, uma singaqala, lokho kuzobhidliza inhlangano yethu ibe yizicucu. Angeke nje sikwazi ukungena."

192 Lowo moya awufi. "O, angeke sikwazi ukuba naloKho. Uma sifundisa Lokho kubantu bethu, sizokwenzenjani na? Sizothatha cishe uhhafu wamadikoni, ebandleni, akhishelwe ngaphandle. Bashade kabili, noma kathathu. Sizokwenzenjani na? Thina, ngani, uma sitshele abesifazane bethu ukuthi ababe nezinwele

ezinde, niyazi ukuthi bayokwenzani na? Bayohamba balishiye ibandla. Futhi khona-ke sizokwenjani na? Ngani, besiyothathwa njengabantu bemfashini endala." UJesu waye yimfashini endala, naye. "Angeke sikwazi ukwenza lokho. Angeke sikwazi ukwenza lokho. Kukhulu kakhulu kithi."

193 Uyalazi ikholwa elithiyeka emngceleni ukuthi lifika kuphi. AmaHebheru, isahluko 6, uyakuchaza lokho. "Lowo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele, khona-ke bawa, ukuba azihlumelelise kabusha futhi." Uza kulowo othiyeka emngceleni futhi ale ukuwelela ngale, yilokho nje, uyala ukukholwa ngokuphelele.

194 Ngoba, wenzani uKalebi na? Wenzani uJoshuwa na? Wathi, "Sinamandla angaphezulu ukulithatha." Ngani na? Bahlala nalokho uNkulunkulu ayekuthembisile.

195 Ngani, bathi, laba abanye bathi, "Awu, bayiziqhwaga. Bakekelezelwe izindonga konke. Banga*le*ndlela. Ngani, besingeke nje sikwazi ukubathinta, nakanjani."

196 UJoshuwa wathi, "Sinamandla ngaphezu ukukwenza. Thulani, nina abantu! Ake nithule! Hlalani phansi!" Amen.

197 Ngiyanitshela, ukukholwa kuyinto enkulukazi, uma sekuza eZwini likaNkulunkulu. Akasesabi khona-ke. Ukukholwa kuneziboya esifubeni, imisipha emikhulu. Ukuthi, "Thula du!" Yonke enye into iphulukundlele iye ekhoneni, kunjalo, uma uNkulunkulu ekhuluma. "Nina hlalani kiMi, namaZwi aMi ahlale kini, nisho enikuthandayo." Nakho lapho nikhona. O, ngiyakuthanda lokho. Hhe!

> Amademoni azothuthumela, nezoni ziphaphame; Ukukholwa kuJehova kuzozamazisa noma yini.

198 Ungaba kanjani nokukholwa uma wazi ukuthi awusiwo umsebenzi, uhamba eZwini laKhe, uma wazi ukuthi kunezinto lapho ofanele uzisho futhi khona-ke awuzisho na? Kunezinto obufanele ufundise ngazo kepha awukufundisi. Kukhona izinto ongakwazi ukuzisho, nokuthi ungaba kanjani nokukholwa uma wazi ukuthi usephutheni na?

199 "Uma inhliziyo yethu ingasilahli." Nakho laph'ukhona. Nakho laph'ukhona. Kodwa hlala naleloZwi, lapho kungekho lutho khona okulahlwayo. "Akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu uJesu, abangahambi ngenyama kepha abahamba ngoMoya." UMoya uhola ngeZwi, ngoba uMoya uvela kuphela eZwini, ngoba iZwi laKhe linguMoya. Futhi kuphela Linga . . . UMoya wangempela weqiniso kaNkulunkulu ungakhuluma iZwi likaNkulunkulu kuphela. O, he! He, he!

Suka, izwe. Sathane, suka kithi.

200 Ningesabi ukuthi kulentaba, "Nqukuleka." Kukhulume. Uhlale lapho, uyibone idilika. Kunjalo.

201 Kodwa uma unokulahlwa lapho, kuncono—kuncono ukuthi uhlale uthule. Uvele uyagwiziliza nje. Awusho lona iqiniso. Awusho izinto ofanele uzisho. Kulungile.

202 Siyathola khona-ke ukuthi uJoshuwa, emva kokuba esedlule kulokho kuvivinywa, wabona ubufakazi bezwe elihle, wase ema lapho eKadeshi-Barineya wase eyabakhonondela bonke, futhi wathi, "Sinamandla angaphezulu ukulithatha. Singakwazi ukulithatha." Kwakuyini umqondo na? Ukuwelela ngapheshe ya.

203 Kwakuyini umqondo kaMose na? "Ngukubakhombisa lesi sibonakaliso futhi akhiphe abantwana." Futhi kwabonakala sengathi kwahluleka. Kepha wahlala neZwi, nesango loLwandle oluFile lalingeke limbambe. Waqhubeka njalo waphuma kulo. Walinqoba isango lesitha.

204 UJoshuwa, ebuka isethembiso sikaNkulunkulu, wathi, "Sinamandla angaphezulu ukuthi singalithatha." Kunjalo. Futhi uma esefika ezansi eJordani, wenzani na? Wavele wavula indlela. Amen. Yilokho-ke. Wanqoba isango lesitha. Lelo Jordane lalimvimba ukuthi angawelela ngapheshe ya futhi ethatha leso sethembiso. Kodwa uma esefika ezansi lapho, wayeyiNzalo ka-Abrahama. Ngani na? Wayekholwe yiZwi likaNkulunkulu. Yileyondlela kuphela ongaba ngayo yiNzalo ka-Abrahama, ngukuthi ukholwe yiZwi likaNkulunkulu. Wabe-ke esenzani lapho esehlela lapho elungele ukuthi abhekane nesitha na? UNkulunkulu wavula isango, futhi walinqoba, walithatha, wawelela ngapheshe ya.

205 Ngesikhathi impi yokuqala, inxabano yakhe yokuqala aba nayo nabo, izindonga zazinkulu kakhulu ukuthi babengadlala ngisho umjaho wamahhashi phezu kwazo. Uzongena kanjani ukuthi abathole na? Bambalekela, babuyela ngaphakathi. Nesitha sizokwenza, naso. "Kepha uzothatha isango lesitha."

206 Wathi, "Nkosi, yini okumele ngiyenze na?" Wahambahamba, ngenye intambama, ezindla. Wabona iNdoda imi inenkemba Yayo ihoshiwe. UJoshuwa wahoshula inkemba yakhe, wathi, "Ungomunye wethu na? Ngabe Ungowesitha sethu na?"

Wathi, "Ngingukapteni walempi."

"Ngenzenjani na?"

207 "Mashani niyizungeze, kashumi nantathu. Nibethe icilongo. Nizolithatha isango lesitha."

208 Wawa phansi. Yebo, mnumzane. Ngani na? WayeyiNzalo ka-Abrahama, eyayigcine iZwi likaNkulunkulu. Wadla lonke isango elaliza kuye. Impela.

Sesishiywa isikhathi. Ngifanele ngiyekele.

209 Bukani, onke lamaqhawe ayigugu, nginekhasi eligcwele wona ebhalwe phansi lapha. Kodwa onke lamaqhawe ayigugu, izinto azenza, ekugcineni afa.

210 Kodwa-ke kuza iNzalo yangempela yokukholwa, iNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama, uJesu, isethembiso. U-Abrahama waba no-Isaka, iqiniso, ngokwenyama, kodwa iNzalo eyiyo ngempela yayingekho kuleyonqubo yenhlangano. Yayikuleso sethembiso seZwi likaNkulunkulu, ukuthi Uyomenza uyise wezizwe, hhayi ngo-Isaka, kodwa ngeNzalo yaseBukhosini, uJesu. Kwakuyileyo iNzalo yaseBukhosini, okungukuthi, empeleni, iNzalo ka-Abrahama. UJesu wayengesuye umJuda, kanjalo Wayengesuye oweZizwe. WayenguNkulunkulu. Niyabo? I. . .

211 Nina maKatolika lapha, mayibusiswe inhliziyo yenu. Kodwa uma nikhonza uMariya njengonkulunkulukazi, yini indaba ngani, empeleni na? UMariya wayengelutho kepha owesifazane nje. UNkulunkulu wamkhetha. Wayengumfukameli. Yilokho kuphela nje. Umfukameli, yilokho owesifazane ayikho, kepha uyaphatheka enzalweni yomuntu.

212 Kodwa, yihlanganisela yezethameli, kodwa ngifanele ngikusho lokhu ukuze nizoqonda lokho engikhuluma ngakho. Manje, lalelani u—udokotela wenu, futhi mina ngingumfowenu. Nginesiqiniseko, ningakwenza.

213 UMariya wayengenalo iqanda kuKristu. Akubanga khona imizwa yocansi ngesikhathi uMoya oNgcwele emsibekela, akuzange nakancane. Kodwa uNkulunkulu uMninimandla onke, umDali, wadala inhlayiya yeGazi, kanye neqanda. Hhe! Ukube kwakuyiqanda elalivela kuMariya, khona-ke abafile abanakuvuka.

Udumo! Lokho kuza nje kukusha. Ngisanda kukubamba nje lokho.

214 Khona-ke uma uthi ngingawazi umehluko, senzani khona-ke, khona-ke uNkulunkulu wasitshelelani ukuthi asihlukane nokubi na? Wawuvuselani khona-ke uNkulunkulu umzimba kaJesu, uma kwakungenjalo na? Ngakho-ke, niyabo, bekungeke kube nowesifazane oxhumene nakho. Ukube ebekhona, khona-ke uMzimba waKhe wawenziwe ngomama waKhe, uMariya, ngoba wayenobudlelwano bocansi ngokusibekelwa ngumoya owambangela ukuthi a—akhiphe isidoda, futhi kuyiphutha. UMoya oNgcwele, ngokukhulelwa okungenasici, haleluya, lapho Wadala kokubili isidoda sowesilisa nowesifazane.

215 Ngabe uJesu wambiza ngo "mama"? Kufuneni emBhalweni. Wambiza ngokuthi "sifazane." Haleluya! Sifazane! (Lokho kusha. Kungaleso sizathu kwenza ngendlela okwenza ngayo.) "Sifazane, buka indodana yakho." Isigidi samamayela ukusondela kuye kunalokho Ayeyikho.

216 WayenguNkulunkulu. Wayengesuye umJuda kanjalo noweZizwe. WayenguNkulunkulu, kokubili enyameni nasemzimbeni, uNkulunkulu ehlezi kuYe. UNkulunkulu ehlezi kulesi sidoda sowesifazane na? Wayengeke akwenze. Leso

sidoda sowesifazane bekufanele sibe nokuthile okuphathelene nenyama yethu. Kodwa kwaba yiGazi kanye nesidoda, lokho uNkulunkulu akusibekela.

217 Wayengasifaka esiqwini ukube Wayefuna. Yebo, mnumzane. Wayengasifaka noma yikuphi lapho Ayefuna khona.

218 Kepha wakuletha ngoba owesifazane abe sekuweni. Nakho kuvela iNdodana engenasici kaNkulunkulu ophilayo, edaliwe, ezelwe yintombi, kokubili umzimba nomphefumulo.

219 Washolani uDavide ukuthi, "Angeke ngibone oNgcwele waMi . . . ngivumele ONgcwele waMi abone ukubola, ONgcwele waMi abone ukubola. Kanjalo angeke Ngishiye umphefumulo waKhe esihogweni"? UDavide wakusho lokho. Niyabo? Kokubili umphefumulo, umzimba, nomoya, kwadalwa nguNkulunkulu, nguYe.

220 Owesifazane, wayengesuye unina. Kwakungowesifazane. Ngikholwa ukuthi wayengokahle, owesifazane oNgcwele. Ngokuphelele. Wayengakaze waba yisifukameli. UNkulunkulu wayengeke akhethe isifukameli esigcolile. INkosi ithanda, ngishumayela ngalokho namhlanje ebusuku, kodwa, "Yini isifukameli esidala esingcolile na?" Ukuletha eyaKhe, ukuletha iNdodana yaKhe emhlabeni phakathi, Wakhetha "intombi engamazi owesilisa." Kanjalo futhi wayengakaze nje akhiphe isidoda noma yini enye into ngesikhathi uMoya oNgcwele emsibekela. Ngoba, uNkulunkulu, kweyaKhe engenasici, indlela engenasiphetho, wadala ngaphakathi kowesifazane: umphefumulo, umzimba, nomoya, kaJesu Kristu. Kunjalo. WayeyiNdodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi.

221 Lokho kwenza ini na? Kwephula isango lesitha. Haleluya! Whewu! Lokhu kuqala ukubamnandi, kimi. Bukani. Ngani na? Wephula isango lesitha khona lapho, ukuthi wonke umuntu ozelwe kulomhlaba ngokwenkanuko yocansi, ongeke aze aye eZulwini ngoba ucansi yilokho okwaqala ekuqaleni, ensimini yase-Edeni, base bezimbathiselani na. Ngesikhathi Enza lokho, Waphula leyonto kabili khona lapho, wase enqoba isango lesitha. Ngani na? Ukuthatha iNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama, ekuqaleni nqa nje, waliphihliza phansi. INzalo yaseBukhosini yokukholwa nesethembiso, hhayi ngokukhulelwa kukaMariya, kepha ngoNkulunkulu, wephula amasango. Lokho ngukuthi, uvumela isidalwa esingumuntu ukuthi sedlule esangweni. Udumo kuNkulunkulu!

222 Wenzani khona-ke na? Wathatha onke amasango esitha. Wathatha isango lokugula. Ukugula kwakungeke kubekhona eBukhoneni baKhe. Qhabo, mnumzane. Kanjalo futhi kwakungeke kubekhona noma yini enye eBukhoneni baKhe. Udwendwe lomgcwabo lwawungeke lukwazi ukuma eBukhoneni baKhe. Qhabo. Wenzani na?

223 UJoshuwa wafa. UMose wafa. Bonke abanye bafa, kodwa hhayi leNzalo yaseBukhosini. Ukufa kwakungeke kukwazi ukuma la kunokuPhila khona.

224 Lowo wesifazane waseNain, owaphuma kanye nomfana wakhe. Wema wayesethi, "Vuka, ndodana."

225 Leyontombazana eyayifile, indodakazi kaJayiru, Wakhuluma izwi emuva ngaleya ezweni elingaziwa ngaphandle lapho, futhi wathi, "Ndodakazi, vuka."

226 ULazaru, owayesefe izinsuku ezine nomzimba wakhe sewubolile, nomphefumulo wakhe ungekho kuwo, izinsuku ezine. Wathi, "Lazaru, phuma." Udumo!

227 Nango Elapho. Wenzani na? Wephula izimpawu zakho konke. Haleluya!

228 Lapho sekufanele Afe khona-ke, Wayengeke akwazi ukubamba lokho kuphila. Wayengeke afe, kodwa kwadingeka Anikeze lokho kuphila. Futhi ngesikhathi Enikela lokho kuphila, wafa ukufa. Nomphefumulo waKhe oyigugu, njengoba iBhayibheli lasho, wehlela esihogweni, ukuthatha indawo yami neyakho. INzalo yaseBukhosini ka-Abrahama! Ini na? WayeyiNzalo yaseBukhosini. O, udumo!

229 Manje siyiNzalo yaseBukhosini, ini, ehlala neZwi, njengoba Wayenjalo. "Ngokuba ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu; uLizwi, wenziwa inyama, wakha phakathi kwethu." Aniboni ukuthi iNzalo yaseBukhosini ilele kuphi na? INzalo yaseBukhosini yileyo ehlala neZwi.

230 Nina ababuthakathaka enilungele ukuxegisa nodeveli, nezimfashini zakhe zezwe. (Angikhulumi nani lapha.) Le ngaphandle, nina bashumayeli enaziyo ukuthi nishumalela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlulile, nishumayela ukuthi ayikho into enjengombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngiyanidabukela, futhi nizibize ngeNzalo ka-Abrahama.

231 INzalo yaseBukhosini ihlala neZwi. INzalo yaseBukhosini, engazalwanga ngumuntu, engaphathelani nendoda noma owesifazane. Owesifazane ibandla; akuhlanganise lutho nebandla. UMariya akahlanganise lutho neNzalo. Kanjalo nebandla, elibizwa ngenhlangano, akuhlanganise lutho neNzalo. Izalwe yini na? Hhayi inhlangano, hhayi iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, amaLuthela, nokunye nokunye.

232 Kodwa, lizelwe yiNzalo yaseBukhosini yesethembiso sikaNkulunkulu, nguye ozodla isango lesitha. Seyivele ithathelwe yena. "Ngokuba uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani eniyifunayo, niyokwenzelwa khona." Nakho lapho nikhona. Isethembiso. Sekuvele kwenziwe.

233 Umphefumulo wakhe oyigugu wehlela esihogweni, lapho bengifanele ngiye khona. Kodwa ngalolosuku lwesithathu. . . USamsoni ethatha isango ledolobha ngomhlane wakhe,

wayengahlanganise lutho nalo. Wanqoba amasango esihogo, namasango ethuna, nayo yonke enye into. Akazange alithathe akhuphuke nalo intaba, kodwa Walibhubhisa. Haleluya! Wanqoba isango lesitha.

234 Isimo sendawo esasigcwaliswe ngamandla kadeveli, phezulu, leyo iziNgelosi noma lutho olwalungeza phansi. Akubanga khona nokunxusela, ngoba igazi lezimbuzi lalingekwazi ukususa isono. Kodwa yiGazi laKhe uqobo elasusa isono.

235 Wase Enyukela kweliphezulu, wathumba abathunjiweyo. Wapha abantu izipho. Manje, wonke oyiNzalo ka-Abrahama ozimisele ukukhokha intengo, ukuba ehle futhi aphenduke ezonweni zabo abhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu kukho ukuthathelelwa kwezono zenu, nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi bese-ke nimelana nokulingwa.

236 Futhi uma sebelikhiphile izwe kuwe, lezi zinto sezihambile, yonk'into eyiphutha, yonk'into ebonakala iyiphutha, njengabesifazane nezinwele zabo, nabesilisa indlela abaqhubeka ngayo, namabandla nezinhlangano zabo, futhi no—nomelusi ozonakekela amadikoni akhe, na—nalo lonke lolohlobo lwezinto. Isigejane esithile sezwe sokuthile okunye singene lapho futhi sibangele umelusi bandla, simkhahle simlahlele ngaphandle kwebandla.

237 Qhubeka, melusi. UNkulunkulu akubusise. Hlala ngqo neZwi. Ungathathi lutho.

238 Wenyukela phezulu. Wenzani na? Wavula imbobo, isango, ukuthi, imikhuleko yaleNzalo ka-Abrahama. Ngani na? Ngani na? Uma singuMzimba waKristu, uma sifile, sizikhumbula sifile futhi sangcwatshwa kuKristu, futhi savuswa kanye naYe ovukweni. Uyihloko yoMzimba. Lapho iNhloko ikhona khona, uMzimba ukanye naYo. Futhi khona-ke, kulokhukusa, lapho wonke owenze lokho, "uhlezi naYe ezindaweni zasezulwini," neNzalo yaseBukhosini. Akadunyiswe uNkulunkulu.

239 Akukho masango. Angeke ukwazi ukhuleke ufike *lapha*, futhi uthi, "O, o, *nalo* izwi." Hhe-e. Bavele bakuvale nje, khona lapho.

240 Kodwa uma izinhliziyo zethu zingasilahli; uma sazi ukuthi sihamba emithethweni kaNkulunkulu; sibona izimpilo zethu zihlanziwe; siyakubona; lonke iZwi uNkulunkulu aliyalile, siyaLigcina; khona-ke lonke isango lesitha liyanqotshwa. "Bese-ke nicela enikuthandayo, nizokwenzelwa khona." "Uyakunqoba isango lesitha sakhe." O, mfowethu, yeka ibandla okuyoba yilo!

241 Uma ngiphinda ngibuya futhi ePhoenix, uma iNkosi ingivumela, ngiyethemba, uma ngingena kulelitabernakele, ukuthi lezi zihlalo zikanokusho zizobe zilayinile, futhi zonke izihlalo zikanokusho emnyakazweni wefull Gospel edolobhei zizolayina nabangcwele bakaNkulunkulu ophilayo: babukeka

njengomKristu; bakhulumisa okomKristu; baziphathisa okwamaKristu; banoMoya kaNkulunkulu uhambahamba phakathi kwabo, lapho, uma omunye engona, uMoya oNgcwele uvele akukhiphe ngalesosikhathi.

242 Kuzokwenza. Nikubonile emgqeni womkhuleko, njengalapha phezulu e-altare. Lapho, uthi, "Hamba ubuyele emuva laphaya ulungise nomyeni wakho. Hamba, utshele umkakho ukuthi bewukade uzikhiphile, ebusuku bakuthangi, nalowo wesifazane ohlezi endaweni *ethile-thize*." Uma Lizokwenza lapha, ngokuhamba eZwini, ulalele leloPhimbo elincane elihashazayo, Lizokwenza kuwe. UyiNzalo ka-Abrahama. Khona-ke, akukho sono.

243 Mshumayeli, ungathanda ukubona lokho ebandleni lakho na? Ngena kulelibandla, futhi ubuke konke kuyofika phansi *lapha*, ubone kokubili abesilisa nabesifazane, abesaba uNkulunkulu, abanobungcwele, behlezi lapha begcwaliswe nje ngamandla kaNkulunkulu. Isono besingeke sikwazi ukungena ngaphakathi. Indoda iyangena bese ihlala phansi, uMoya uyaphakama bese uthi, "uJohn Jones, uveka e*kuthi-nokuthi,* idolobha, endaweni *ethize-thize*. Ulapha ukuzothola ukuphiliswa komzimba wakhe. Niyabo? Wenze into *ethile* endaweni *ethile*. Wenze *lokhu*, futhi uthatha . . . use, ubuyisela *lokhu* emuva, ulungisa *lokhu*, uzobe-ke uNkulunkulu eyamphilisa kulowomdlavuza. ISHO KANJE INKOSI." He, he!

244 Nginikeni ibandla, nginike amadoda ayishumi, lawo, angamagugu angempela kaNkulunkulu, iNzalo yaseBukhosini, hlanganisa lawomadoda ndawonye, futhi khona-ke ubuke ukuthi kuzokwenzekani. Nginikeni lendlu egcwele abantu abanjalo, futhi ngizonikhombisa ukuKhanya izwe elizogijimela kukho. Kunjalo. Yilokho uNkulunkulu Afuna sibe yikho. "Ningumuzi ohlezi eqhumeni." NiyiNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama. "Iyakunqoba isango lesitha sayo."

245 Ukugula, kukhona imbangela yokugula. Kukhona imbangela yalezizinto. Futhi uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ulapha ukwembula leyonto futhi akutshele ukuthi kungani ningayitholi. Yini inkinga ngathi na? Asidingi sizibuze, "Uzokwenza." Sekuvele kuyenziwa. Wena wenzani na?

246 Bhekisisani lowo mphrofethi. Akalalelanga umoya ovunguzayo, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!"

247 Lokho kuhle. Manje, khumbulani, angikulahli lokho. Ngiyethemba wonke umuntu uyakuqonda lokho. Omunye umuntu wathi, "Mfowethu Branham akakholelwa ekutheni, 'Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!'" Awu, ngibukeni enhla lapha manje. Ngiyakholelwa ekumemezeni, ekukhulumeni ngezilimi, ukusina eMoyeni.

248 Kodwa, mfowethu, uma wehluleka ukuzwa leloPhimbo elincane elihashazayo leZwi, yilokho khona-ke okukubambayo. Yileyonto nje.

249 U-Eliya wayeyazi yonke lemvuselelo eqhubekayo ngaphandle. Kodwa waye...Alizange limkhange ukuthi angaze aphumele ngaphandle kuyo. Kodwa ngesikhathi ezwa leloPhimbo elincane elihashazayo likaNkulunkulu, khona-ke wakhangeka. Wase emboza ubuso bakhe ngeveyili, waphumela. Ngani na? U-Eliya wayeyiNzalo ka-Abrahama, elandela iZwi.

250 "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, khona-ke celani konke enikuthandayo, niyakwenzelwa khona."

Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

251 O, bandla, kanjani, mangiqeda ukushumayela kanjalo, ukuthi ngizizwela kanjani! UMoya uyasuka kimi, futhi khona-ke ngibuka emuva. Ngibona abantu abazokwehlela ekhukhwini labo ngempela futhi bathathe ukudla kubantwana babo, ukuba bakunike mina. Ngibona abesifazane abasebasha lapha, mhlawumbe abanezinwele ezimfishane. Bazokwenzenjani na? Bazongenzela noma ngabe yini ezweni, abangakwazi ukuyenza. Indoda ehlala nomkayo kanjalo, futhi nami kunginquma ngibe yizicucu, ngalelo Zwi, ngimlimaze, unembeza wakhe wehlisiwe. Futhi nokho leyondoda ibiyophuma lapha futhi ibe isigqila, futhi ingithumelele okweshumi kwayo. Kunjalo. Lokho kungenza ngizizwe, niyabo, ngibuyela enyameni khona-ke, niyabo, ini, ngitheni na? Angiqondile ukulimaza. Akusikho lokho.

252 Kodwa, o, mfowethu, nani bodade nabafowethu abancane abathandekayo, uma lokho kuba iZwi likaNkulunkulu, futhi lokhu kunguMoya waKhe owenza ukuthi iZwi lize ekuphileni, kini, kuyoba yini oSukwini lwokweHlulelwa na? Ngizama ukunenza nilungele lolosuku. Ngiyanicela, ngiyanicela thathani iZwi laKhe nje. Uma ngake ngashumayela noma yini engesilona iZwi, isethembiso sikaNkulunkulu, khona-ke unelungelo lokuza kimi. Kodwa lokho kuYizwi. Futhi yingenxa yokuthi ngiyanithanda.

253 Akusikho ngenxa yokuthi a—anginifuni kuleso sikebhe. Yingenxa yokuthi isikebhe angeke ukwazi ukunithwala nedlule. Nizophahlazeka, ngolunye lwalezizinsuku.

254 Ufanele uze ekwaHlulelweni. "Onecala kokuncane unecala kukho konke." Futhi uma wazi ukuthi noma yini kulungile ukuyenza, kuyiZwi likaNkulunkulu nesethembiso sokukwenza, khona-ke ungakwenzi, khona-ke kuthiwani ngakho na? Uzocelwa ukuthi unikeze isizathu, kuyothiwani-ke? Uma loMlayezo kulokhukusa ubhekana nawe ngaleya eskrinini, ngoSuku lokwaHlulelwa, uthini ngakho na? Ake nikucabange,

bangani. Ungahle ufe ngaphambi kokuthi ilanga lishone. Sonke singafa. Futhi yinye into eqinisile, uzokufa.

255 Ngema ngelinye ilanga ngibukela umama wami, mina ngimgodle ngengalo yami. Ngabamba ubaba wami ngaphambidlana kwalokho, futhi ngambuka ehamba.

256 Ngibabonile beza ekupheleni kwendlela, ubani obengacabanga ukuthi babekahle ngempela. Uthi, "O, Mfowethu Branham, o, ukube bengingamane ngiphile kade kancane nje!" Sesedlule kakhulu isikhathi khona-ke. Futhi khumbulani, ukufa akuwushintshi umphefumulo. Kushintsha indawo yawo yokuhlala nje kuphela. Futhi uma nikubona lokho, okuthile ngaphakathi kwakho. Ake nibe nomqondo wokucabanga manje. Uma nikubona lokho, kunokuthile ngaphakathi kwakho okukwenza uziphathe ngaleyondlela futhi uzizwele ngaleyondlela, njengokuthi ubungafanele uzizwele, phenduka kulokhukusa, ungakwenza, mngani na? Woza. Iba . . . Awufanele ube kanjalo. Ungumuntu odabukisayo. Phila impilo yeNzalo yaseBukhosini yeqiniso. UNkulunkulu uyakufuna namuhla.

257 Ungaphakamisa isandla sakho, ngenkathi ikhanda lakho lisakhothame, nenhliziyo. Uthi, "Mfowethu Branham, ngiphakamisela isandla sami kuNkulunkulu. Ngokwethembeka, okusuka enhliziyweni yami, yilokho engifuna ukuba yikho. Yilokho ngempela engifuna ukuba yikho. Ngibe—ngibe nokonakala phandle lapha nakho konke okunye, kodwa ngempela a—angifuni ukuba kanjalo. Ngifuna ukuba yilokhu obukhuluma ngakho kulokhukusa. Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngiphakamisa izandla zami kuNkulunkulu, hhayi kuwe, Mfowethu Branham, kodwa kuNkulunkulu. Futhi enhliziyweni yami, Uyayazi inhliziyo yami. Ngiyakulangazelela ukuba uhlobo lomKristu okhuluma ngalo, iNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama, ngoJesu Kristu." Phakamisa isandla sakho manje futhi uthi, "Ngizo . . . Ngikhulekele, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Impela Uzokwenzela khona.

258 Baba wethu oseZulwini, ekuKhanyeni kweZwi laKho, emandleni ovuko lwaKho! Futhi ngiyaqonda, Nkosi, ukuthi abantu abampofu izikhathi eziningi bayasonteka ngaphandle lapha, ngokwehlukile. Abantu kulukhuni ukuthi bazi ukuthi bafanele benzeni; omunye uyeza, asho enye into; nomunye uyeza, asho enye.

259 Futhi lapha ePhoenix, lelidolobha elikhulu le—le, awu, izivakashi, lapho yonk'into esizweni sonke ishushumbela kulo, kokubili ngokwenyama nangokomoya. Ngimile entabeni, ngelinye ilanga, futhi ngicabanga ukuthi kukangaki iGama likaNkulunkulu lisetshenziswa ngeze osukwini ezansi lapha, kungaki ukuphinga okwenziwayo, singaki isono nodoti

ezitaladini lapha, namabha nezimpukane zamabha, nayo yonk'into, abaningi babo bazisho ukuthi bangamakholwa, amaKristu!

260 Abesifazane behla ngesitaladi, nosikilidi esandleni sabo. Behamba begqoke izimpahla ezokungaziphathi kahle, ube kanti Wathi ziyanuka phambi kwaKho, "Isinengiso," njengendala, engcolile, enyanyekayo, indishi yokuchamela ndawo ndawo. O Nkulunkulu, angakwenza kanjani okunjalo owesifazane ozisho ukuthi unoMoya oNgcwele, futhi owaziyo ukuthi ekhaleni loMsindisi, lokho okunuka kanjalo, kuyanuka na? Angaba kanjani Yena nento enjalo eMbusweni waKhe na? Baba, ukube kuphela bebazi, ukuthi bakude ngesigidi samamayela kuKho.

261 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, yiba nesihawu. Akekho noyedwa ofuna ukuya kulezozindawo zalabalahlekile. Akekho noyedwa ofuna ukuya phansi lapho, Baba. Makube kude kunoma ubani wethu ukuya lapho. Kepha nokho phansi phakathi lapho kunenhliziyo enhle kulowomuntu, leyondoda, loyo wesifazane, owesilisa noma wesifazane othandekayo futhi olungile futhi onomusa, futhi udukisiwe nje ngudeveli. Udeveli wenze lokho.

262 Sathane, ngimelene nawe, ngoba uyisitha seNkosi yami. Uyisitha seZwi laKhe. Futhi ngiyakuyala, ngoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, njengesidalwa esifayo, ngazi ukuthi anginamandla phakathi kimi. Anginawo amandla okumisa wena. Anginawo amandla okwenza noma yimuphi walaba besifazane bazihlanze, nanoma yimuphi walamadoda, olalele kuleteyipu, noma—noma yikuphi. Anginandlela yokubenza bazihlanze. Anginamandla nhlobo. Kodwa nginalo igunya leZwi likaNkulunkulu, njengenceku, ukuLishumayela, futhi ngibophezelekile kulelogunya. Ngisho naleliphoyisa ngaphandle lapha alinamandla okumisa imoto, kodwa linegunya ukukwenza.

263 Futhi, Sathane, ungahle uvele uklwiklwizise amabhuleki akho, ngoba ngiyakuyala, ngoJesu Kristu, ukuthi khulula lababantu, emhlabeni wonke, nomaphi lapho loMlayezo uzoya khona. Bakhulule. Ngiyababiza, ukuthi bathengiwe. Abasibo ababo. Bathengwe ngenani, iNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama, iNkosi Jesu.

264 Wena owenyanyekayo, ongcolile, mzenzisi onukayo, mkhohlisi wabantu, ubaholele ngobumpumputhe emigodini yesihogo, bakhulule. Ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, ngoMhlatshelo weNdodana yaKhe, uJesu, ukuthi bakhulule, ukuthi imiphefumulo yabo ingagcwaliswa ngesibusiso saKhe noBukhona baKhe, ukuthi banganqoba isango lasosonke isitha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ubatholile belindele *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, noma ukuthintwa okuthile okungcwele, noma enye into, kodwa ngithi kuwe uzodedela ukubamba kwakho.

265 Ukugula kungama kanjani ogcobweni olunjengalolu na? Kuphela uma bala ukubuka ngaleya esethembisweni njengoba kwenza ubaba u-Abrahama, ngesikhathi eMbona esimeni esingamakhulu eminyaka kude, eza.

266 Bakhulule. NgeGama likaJesu Kristu, yekela labobantu bahambe.

267 Sengathi amandla kaNkulunkulu, ukuqonda kweZwi, njengoba begeziwe kulokhukusa ngaLo, sengathi ukuqonda kokugcina iZwi likaNkulunkulu nezethembiso zaKhe ziyiqiniso, ukubamba okungephulwe nguSathane. Sengathi yilowo nalowo angabamba leso sethembiso, athi, "Lesi yiSo. Ngibambelela kuSo. UNkulunkulu wenza isethembiso. Ngiyinzalo ka-Abrahama. Ngingasingabaza kanjani isethembiso saKhe na?" Futhi niqhubekekele phambili, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

Ng'yaMthanda . . .

268 Belisika kulokhukusa, bangani. Asidumiseni manje kamnandi.

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

269 Kungenzeka yini, hhayi ngokuthuka okungcwele, impela qhabo . . . Lokhu ku—kungokwenkolo. Asiphakamise izandla zethu kuYe esiMthandayo. Bese sithi:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

270 Manje, kuwo wonke owesifazane noma intombazane phakathi lapha, lesi isandla sami. UNkulunkulu uyanithanda. Kuyoyonke indoda noma umfana phakathi lapha, uNkulunkulu uyanithanda. Ngiyanithanda. Manje, angikwazi ukufinyelela ngithole izandla zenu ngamunye, kodwa uNkulunkulu uyakuzwakalisa kini lokhu engikuqondile. Sisalokhu sicula lelo futhi, vele uphenduke nje futhi uxhawulane nothize. "Ngalokhu abantu bonke bazokwazi ukuthi nibangafundi baMi, uma ninothando, omunye komunye." Ngi . . .

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

271 AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kuzizwela okumnandi kukaMoya oNgcwele! IZwi liwuhlelo lokuhlanza, livele likukolobhe nje, likwenza isidalwa esisha,

lisuse konke. IZwi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, liyasoka, lisika lisuse zonke izinto zezwe. Niyabo? Bese kuthi-ke sizizwela sihlanzekile, sikolojiwe, semukela futhi siMkholwa. Yileyo indlela esingacula ngayo:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

272 Akukuhle lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyakuthanda nje ngenhliziyo yami yonke. Niyabo? Asizame futhi, wonke umuntu manje, ngempela, phezulu ekuphakameni kwephimbo lenu manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

